


## UMBONO, IMIGOMO, IZINHLOSO NAMASU

Ukwenza ngcono ukulethwa kwaManzi nezeNhlanzeko emiphakathini yethu ngezindlela ezintsha eziphephile ngaphambi kuka-2050.

## ISITATIMENDE SOMSEBENZI

Ngokubambisana nemiphakathi nabathintekayo, i-Harry Gwala District Municipality izoqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi nezenhlanzeko.

## IZINSIKA EZIMQOKA

- Ukwethembeka
- Ukungabi namfihlo
- Ukubonisana
- Ukuzinikela nobuQotho

## Lolu hlaka luveza ukuthi izakhiwo zamaKomidi, oSihlalo bawo namalungu - 2024/2025:

**IKOMIDI ELIPHEZULU**

| | |
|---|---|
| Khansela ZD Nxumalo | iMeya (uSihlalo) |
| Khansela TN Jojozi | iPhini leMeya |
| Khansela SD Bekwa | iLungu |
| Khansela Z Tshangase | iLungu |
| Khansela KS Dlamini | iLungu |

**IKOMIDI LE-MUNICIPAL PUBLIC ACCOUNTS (MPAC)**

| | |
|---|---|
| Khansela NW Dladla | uSihlalo |
| Khansela N Mda | iLungu |
| Khansela BL Marnce | iLungu |
| Khansela BR Memela | iLungu |
| Khansela HA Lukhozi | iLungu |

**IKOMIDI LE-BUDGET AND TREASURY OFFICE**

| | |
|---|---|
| Khansela ZD Nxumalo | Chairperson (eMeya) |
| Khansela TN Jojozi | iLungu (iPhini leMeya) |
| Khansela SD Bekwa | iLungu (Exco) |
| Khansela KS Dlamini | iLungu (Exco) |
| Khansela SRL Nzimande | iLungu |

**IKOMIDI LE-CORPORATE SERVICES**

| | |
|---|---|
| Khansela TN Jojozi | uSihlalo (iPhini leMeya) |
| Khansela B Sibeni | iLungu |
| Khansela TSH Gamede | iLungu |
| Khansela XM Memela | iLungu |
| Khansela PN Damoyi | iLungu |

**IKOMIDI LE-SOCIAL SERVICES AND DEVELOPMENT PLANNING**

| | |
|---|---|
| Khansela TN Jojozi | uSihlalo (iPhini leMeya) |
| Khansela NH Zaca | iLungu |
| Khansela PK Memela | iLungu |
| Khansela NC Dlamini | iLungu |
| Khansela N Mhatu | iLungu |

**IKOMIDI LE-INFRASTRUCTURE SERVICES**

| | |
|---|---|
| Khansela ZD Nxumalo | uSihlalo (iMeya) |
| Khansela ZP Dlamini | iLungu |
| Khansela NR Mtshali | iLungu |
| Khansela HV Msomi | iLungu |
| Khansela ZM Ngidi | iLungu |
| Khansela Z Tshangase | Member (Exco) |
| Inkosi VV Zimema | (Ex Officio) |

**IKOMIDI LAKWA-WATER SERVICES**

| | |
|---|---|
| Khansela SD Bekwa | uSihlalo |
| Khansela SG Mkhize | iLungu |
| Khansela TG Soni | iLungu |
| Khansela ZR Tshazi | iLungu |
| Khansela NH Malimela | iLungu |
| Khansela N Mathe | iLungu |

**IKKOMIDI I-LOCAL LABOUR FORUM (LLF)**

| | |
|---|---|
| Khansela SRL Nzimande | uSihlalo |
| Khansela ZR Tshazi | iLungu |
| Khansela ZP Dlamini | iLungu |
| Khansela TSH Gamede | iLungu |

**IKHOMISHINI YE-WOMENS MULTI PARTY**

| | |
|---|---|
| Khansela ZP Dlamini | uSihlalo we-Women's Caucus |

*Wonke amaKhansela abesifazane angamalungu*

# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Isethulo seMenenja kaMasipala | 06 |
| Bhalisela ukuVota | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| IsiFunda I-Harry Gwala Yethula Kabusha uMkhandlu Wentsha Ngenhloso Yokuthuthukisa Ubuholi Bentsha | 10 |
| OMeya babamba izingxoxo nobuholi be-March On March mayelana nencwadi yezikhalazo zomphakathi | 12 |
| Ukuqiniswa kwezinguquko zedijithali ngokubambisana nangamasu amasha | 14 |
| IsiFunda iHarry Gwala sibungaze iNyanga yeNtsha ngokuThuthukisa amaKhono nangokuHlomisa intsha | 15 |
| UMasipala ohlinzekayo: Kwedluliselwe emphakathini Imthamo emithathu yengqalasizinda enkulu | 16 |
| UMphakathi wakuwadi 22 udluliselwe ngokusemthethweni umklamo owaziwa ngeMnqumeni Water Supply Scheme | 18 |
| Kunikezelwe ngomklamo iKhukhulela Water Scheme kanye neZitifiketi ze-EPWP kuWadi 05 | 20 |
| UMeya wesiFunda uhole umgubho wemizuzu engu-67 kaMadiba kubuyiswa ithemba nesidima emndenini wakwaNtombela | 22 |
| Ukuhlomisa osomabhizinisi, nokuguqula izimpilo ngokuthuthukiswa kwamabhizinisi | 24 |
| Abezokuxhumana esifundeni bazibophezela ekuxhumaneni okuqotho ngaphambi kokhetho oluzayo lohulumeni basekhaya | 26 |
| Uhlelo lokuhlomisa ebebeyingxenye ye-EPWP ngokuzobaphilisa | 27 |
| UMasipala wesiFunda wethule isabeloMali sango-2026/2027 esigxile entuthukweni | 28 |
| IsiFunda iHarry Gwala sakhe ubumbano eMzimkhulu emcimbini wokukhanyiswa kwamakhandlela, kuqwashiswa ngegcikwane lengculazi nesandulela salo | 29 |
| Induku enhle igawulwa ezizweni: I-HGDM yamukela isiKhulu esiPhezulu sezeziMali | 30 |
| Umbiko Wezinhlekelele: Isikhungo sezinhlekelele esiFundeni iHarry Gwala | 32 |
| Imidlalo yeHarry Gwala District Mayoral Cup ka-2026 ibengencomekayo kakhulu yakhombisa nokuthuthuka kwentsha okukhuthazayo | 34 |

# SIHLONIPHA UMLANDO, SIHLOMELA IKUSASA



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

*"Umfula ugeleza njalo kungakhathalele nkathi yonyaka; kunalokho ushintsha indlela ogeleza ngayo ukuze ufinyelele kulabo abathembele kuwo."*

Sikwethulela lolu shicilelo kubhukondaba yesifunda, ngenkathi lapho iNingizimu Afrika isohambeni olubalulekile lwentando yabantu. Nakanjani uKhetho oluzayo loHulumeni baseKhaya luzovuselela ukuzibandakanya kwabantu, izimvo ezahlukene, kanjalo nalokho okusha okulindelwe yimiphakathi esiziqhenyayo ngokuyisebenzela. Nakuba kulindeleke ushintsho kwezepolitiki, okungeke kwashintsha ukuzibophezela kwethu ekwethembekeni, ekuphenduleni ngezinqumo, ekwenzeni izinto ngokusobala nangokuncomekayo kubantu abangaphansi kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala.

Njengomzekelo esiwenze ekuqaleni, umsebenzi wohulumeni basekhaya awumi ngenxa yokushintsha kwenkathi yonyaka. Uyaqhubeka nokunikezela ngemisebenzi ebalulekile, amathuba, kanye nethemba emiphakathi. Nakuba isikhathi sobuholi sinesiqalo nesiphetho, umsebenzi wokwenza ngcono impilo yabantu wona uyaqhubeka.

Njengokuphuma kwelanga okunikeza ithemba ngosuku olusha, kanjalo nalolu shicilelo luveza ushintsho olukhulu oselwenziwe ekuphuculeni ukulethwa kwezidingongqangi esiFundeni sethu sonkana. Imiklamo yamanzi ephothuliwe, imizi efakelwe amanzi, imiphakathi ehlonyisiwe/efukuliwe, nobudlelwano obuqinisiwe kusho ukugcinwa kwesethembiso esenziwa emphakathini kanye nokwakhela abantu bethu ikusasa elihle.

Kulolu shicilelo, sibungaza ukuphothulwa ngempumelelo nokunikezelwa kweMnqumeni Water Supply Scheme kuWadi 22 kanye neKhukhulela Water Supply Scheme kuWadi 05, nokucacisa ngomsebenzi womklamo oqhubekayo weThuthukani Water Supply Scheme kuMasipala wendawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma. Le miklamo ingaphezu nje kwemisebenzi yobunjiniyela; ibuyisa isidima, yenze ngcono isimo sempilo emphakathini, isize ekukhuleni komnotho, kwakheke isisekelo esiqinile sekusasa.

Intuthuko yangempela ayilinganiswa ngengqalasizinda esiyakhile kodwa nangamathuba esiwadalela abantu bethu. Ukwethulwa kohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) lokuhlomisa nokuthuthukisa instsha kubonisa ukuzibophezela kwethu ekuhlomiseni labo abayingxenye yohlelo ngamakhono, ulwazi, nangamathuba angapheleli nje emisebenzini yamatoho. Ngokuthuthukisa abantu, sakha imiphakathi ezokwazi ukuzakhela ngokwayo ikusasa.

Ukuxhumana kusalokhu kuyibhulohwe elixhumanisa uhulumeni nabantu obasebenzelayo. I-District Communicators Forum igcizelela ukubaluleka kokuxhumana okunobuqotho, okungachemile, nokuhambisana nezidingo zabantu, ikakhulukazi ngesikhathi sokhetho lapho abantu bedinga khona ulwazi olusobala nabangathembela kulo. Njengabantu abakwezokuxhumanisa, kungumsebenzi wethu ukuqinisekisa ukuthi iqiniso lingaphezu kokuqagula nokuthi izwi lomphakathi lilalelwa ngokucacile, ngokungachemi, nangenhlonipho.

Lolu shicilelo luveza umoya wozwelo osho ukusebenzela umphakathi. Ekukhumbuleni kwethu imisebenzi yalowo ongasekho emhlabeni, nowayenguMengameli wezwe, uNelson Rolihlahla Mandela, uMasipala usebenzise imizuzu engu-67 kaMandela wenzela abanye abantu imisebenzi emihle. Ukwelula isandla emindenini engakwazi ukuzisiza, kusikhumbuze ukuthi ubuholi beqiniso akukhona nje ukwethula izinkulumo, kodwa ukwenza umehluko omuhle nsuku zonke ezimpilweni zezakhamizi zethu.

Okunye okubalulekile kube ngukwamukela kwesabelomali sikaMasipala esingu-R1.076 billion sonyaka wezimali ka-2026/27 – esizogxila ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yamanzi, ukubhekana nezinhlekelele, ukulondolwazwa kwemvelo, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, kanye nasekuthuthukisweni kwezinsiza zikamasipala. Njengomlimi elungiselela ukufika kwezimvula, lesi sabelomali siyisisekelo sekusasa lapho isizukulwane esizayo sizokwakhela kusona amathemba, amaphupho, kanjalo nempumelelo.

Kubalulekile ukukhumbula ukuthi njengoba kusondela ukhetho lohulumeni basekhaya, omasipala yilona hlaka lukahulumeni olusondelene nawe. Ushintsho kwezepolitiki aluchazi ushintsho ngomsebenzi osemahlombe ethu wokusebenzela umphakathi ngokuseqophelweni eliphezulu, ukuphendula ngezinqumo, nangokugcina imigomo emihle yokusebenza; kunalokho, kuba semqoka kakhulu ngalesi sikhathi. Ngakho-ke siyaqhubeka nokuzibophezela ekusebenzeleni zonke izakhamamuzi ngendlela efanele, engachemile, nenenhlonipho.

Njengoba ezobe ephelelwa yisikhathi ngoNovemba amakhansela asezikhundleni njengamanje, ngithanda ukubonga uMeya, amaKhansela, kanye nabo bonke abasebenzele isiFunda iHarry Gwala ngokuzimisela nangobuqotho babo ngaso sonke isikhathi besasezikundleni.

Njengoba lonke uhambo lunesiphetho, imisebenzi ihlala ibonakala ngisho selwaphela uhambo. Ukubambisana kwabo njengobuholi kanjalo nokuzibophezela kubenomthelela omkhulu ekwenzeni ngcono izimpilo zemiphakathi yethu nasekuqhubeni umsebenzi wentuthuko esiFundeni sethu.

Lolu shicilelo sengathi lungenza okungaphezulu kokwazisa nje kuphela; sengathi lungaphinde lukhuthaze. Sengathi ngalo singakhumbula ukuthi inqubekela phambili ebonakalayo akusiwo umsebenzi womuntu oyedwa, kodwa ngumsebenzi wemiphakathi, abasebenzeli bomphakathi (abasebenzi baHulumeni) abaholi, kanjalo nokusebenza ngokubambisana kusetshenzelwa injongo eyodwa. Ngokubambisana, asiqhubeke nokugcizelela udaba lokuzimelela, ubumbano, nempumelelo eyodwa lapho umuzi nomuzi uthola amathuba, wonke amazwi ebalulekile, futhi konke esikwenza namhlanje kuba yisisekelo sekusasa eliqhakazile.



**UNKS SIBONGILE KUNENE**
WEZOKUXHUMANA EMKHANDLWINI



**UNKS UFUNDISILE QOZA**
ISEKELA KWEZOKUXHUMANA



**UMNU UBANDILE MTOLO**
ISEKELA KWEZOKUXHUMANA

# ISIFUNDA ESIBUMBENE KWEZENTUTHUKO, UKUZIMELELA KANYE NANGAMATHUBA



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

Ngibingelela bonke abafundi balolu shicilelo lwencwadi yokuqala kamasipala kunyaka wezimali omusha, kulandela ukuphela konyaka wezimali ka-2025/2026.

Kube ngunyaka obenokusebenzisana okuhle phakathi kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala nemiphakathi esiziqhenyayo ngokuyisebenzela.

Esikwenzile kungubufakazi bobudlelwane obungapheli phakathi komasipala bendawo kanye nezakhamuzi zethu, njengoba ukuzibophezela kwazo entuthukweni kuqhubeka nokusikhuthaza.

NjengoMasipala wesiFunda, uMthethosisekelo usijube ukuba sihlinzeke ngamanzi aphephile futhi ngokuthembeka kanjalo nangengqalasizinda yokuthuthwa kwendle.

Le misebenzi esemahlombe ethu mikhulu iyinselele, kanti ukwenziwa kwayo ngempumelelo akuncikile ezinsizeni zikamasipala kuphela kodwa nasekubambeni iqhaza elibonakalayo komphakathi, ukusebenzisana, nokuqonda imiphakathi yethu.

Kungalesi sizathu ukuba sigqugquzele zonke izakhamuzi ukuba zibeyingxenye yezinhlelo ezizoshintsha ikusasa lesifunda sethu.

Ngiyaziqhenya ngokuhola isifunda esinabantu abakhombisa ukuzimelela, abanamasu amasha, nokuqonda amalungelo kanye nokulindeleke kubo.

Emiphakathini eminingi, izakhamuzi zithathe isinyathelo sokuzifakela ngokwazo ingqalasizinda yamanzi, umasipala wona wasiza ngamathangi amanzi, amapayipi, nangosizo lochwepheshe lapho kunesidingo khona.

Lokhu kukhombisa umoya wokuzimela komphakathi ongavumi ukulinda kodwa kunalokho ukhetha ukusebenzisana nohulumeni ngenhloso yokusheshisa intuthuko.

Ukugxeka okwakhayo kuyinsika ebalulekile ukuze kube nohulumeni osebenza kahle futhi onobulungiswa. Siyakwamukela ukuhlolwa ngumphakathi ngoba kuqinisa izikhungo zethu futhi kusenza siphucule indlela esiletha ngayo izidingongqangi.

Nakuba kunjalo, sikhuthaza ukugxeka okuhambisana nezingxoxo ezakhayo kanye nezisombululo, ukuqinisekisa ukuthi ndawonye sibhekana nezinselelo ngendlela okuzozuza ngayo imiphakathi yethu.

Ngonyaka wezimali owedlule, sake saphinde sanikezela emphakathini ngemiklamo eminingi ebalulekile yamanzi nokuthuthwa kwendle. Nakuba eminye yemiklamo ibenokubambezeleka obengeke kwagwemeka, besilokhu siwazisa umphakathi ngokwenzakalayo.

Siphinde sanxusa ukuba kuvikelwe ingqalasizinda kamasipala, ngoba kuyabonakala ukuthi ukucekelwa phansi kwayo kulimaza zona lezi zinsiza okuhloswe ngazo ukuphucula izimpilo zabantu.

Nakuba kunezigameko ezithile zemibhikisho ezibekhona kwezinye zezindawo, iHarry Gwala ibenenhlanhla ngoba zibe yingcosana. Siqhubekile nokubamba izingxoxo, sisebenzisana nemiphakathi ethintekayo ukuyichazela ngezimo eziqhubekayo, ukuxazulula ukukhathazeka, nokubuyisa ithemba.

Le ndlela yokusebenzisana ikhombisa ukukholelwa kwethu ekutheni izixazulelo zakheka ngokuxhumana kunokubhekana ngeziqu zamehlo.

Njengoba seliphela ihlandla labasezikhundleni njengamanje, ngigqugquzela izakhamuzi ezivumelekile ukuba zisebenzise ilungelo lazo lentando yabantu ngokuba yingxenye yokhetho lohulumeni basekhaya ngomhlaka 4 Novemba 2026. Intando yabantu iyaphumelela uma izakhamuzi zizikhethela ngokwazo ubuholi obuzoqhubezela phambili intuthuko buphinde bubheke noma bumele izidingo zemiphakathi.

Isabelomali sikamasipala sango-2026/2027 sibe ngaphezu kuka-R1 billion, nokuyinto enkulu kakhulu uma kubhekwa ingcindezi ebhekene nezwe ngesimo somnotho.

Ngesikhathi lapho umnotho ungakhuli ngendlela futhi ubhekene nengcindezi, lesi sabelomali sikhombisa ukuzibophezela kukahulumkeni ekuphuculeni izinga lempilo yabantu bethu.

Ngifisa ukuncoma omasipala bethu abane bendawo - iGreater Kokstad, uMzimkhulu, iDr Nkosazana Dlamini Zuma, kanye neJohannes Phumani Phungula-ngokusebenzisa ngokucophelela iMunicipal Infrastructure Grant (MIG).

Ukusebenzisa kwabo izimali ngokucophelela kanye nokuphathwa kahle kwazo kwenze sathenjwa nguMgcinimafa kaZwelonke, nokusize ekutheni kwengezwe ingqalasizinda ezosiza ekulethweni kwezidingongqangi kubantu kusona sonke isifunda.

Nakuba uMzimkhulu neGreater Kokstad bezibonakalise ngendlela encomekayo ekusetshenzisweni kwezimali zokwakhiwa kwengqalasizinda, bonke omasipala kufanele banconywe ngokuqinisekisa ukuthi izimali zomphakathi ziphathwa kahle, ngokusobala, nangokucabangela/ngokuhambisana nabakhokhi bentela.

Ngaphezu kwalokho, ukwakhiwa kwedamu lamanzi iKempsdale okudle u-R200 million sekuya ngasemaphethelweni.

Lo mklamo omkhulukazi uzoqinisa kakhulu izinga lokutholakala kwamanzi endaweni ekhula ngamandla yase Kokstad, njengoba uzohlinzeka ngomthamo wamanzi ozokwazi ukuphakela isizukulwane zamanje nesizayo.

Umklamo uphinde ubeyisisekelo esiqinile sokukhula komnotho, weseka imiklamo eminingi ehleliwe, okubalwa kuyona nokwakhiwa kwenxanxathela yezitolo nenye intuthuko ezokwakha amathuba emisebenzi nokutshalwa kwezimali esifundeni.

Njengoba singena komunye unyaka wezimali, asiqhubeke nokubambisana ekuzibophezeleni kwethu ekwakheni isiFunda iHarry Gwala esiphumelelayo, esizimelele, nesibandakanya wonke umuntu.

Ndawonye, ngobuholi obukhathalelayo, izakhamuzi ezibamba iqhaza elibonakalayo, nokusebenzisana, sizoqhubeka nokusabalalisa ukutholakala kwezidingongqangi, siqinise umnotho wethu, futhi sakhele zonke izakhamuzi amathuba.

Ukuzuza kwethu kubonakala uma uhulumeni esebenzisana nemiphakathi, futhi nginethemba lokuthi, ndawonye, sizoqhubeka nokwakha isifunda lapho izakhamuzi zizozibona zinesidima nethamba ngekusasa.

**UKhansela uZamo Nxumalo**
**uMeya wesiFunda**
**UMasipala wesiFunda iHarry Gwala**

# KWAKHIWA IMIPHAKATHI NGOKUSEBENZA NANGOKUPHENDULA NGEZINQUMO



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

Kuyintokozo enkulu ukwethula uhlelo lwe-Service Delivery and Budget Implementation Plan (SDBIP) lonyaka wezimali ka-2026/2027 **kuMasipala wesiFunda iHarry Gwala**. Ukuqala konyaka omusha wezimali kusho isikhathi sokuqala ukusebenza ngokuhambisana nesabelomali sika-R1 billion esagunyazwa umkhandlu, okuyinto eveza ukuzibophezela kwethu ekuhlinzekeni ngezinsiza zikamasipala eziseqophelweni eliphezulu, ukwenza ngcono ingqalasizinda, nokuphucula izinga lempilo yemiphakathi yethu.

I-SDBIP injengethuluzi lokuhlola ukusebenza kukamasipala ngokuhambisana **nesigaba 53 (1)(c)(ii) seMunicipal Finance Management Act, 56 yango-2003 (MFMA) kanye ne-MFMA Circular 13**. Iyithuluzi eliyizinkomba zokufezekisa izinjongo ze-Integrated Development Plan (IDP) kanye neze-Medium-Term Revenue and Expenditure Framework (MTREF) ngokuhlola imisebenzi esiyenzelwe umphakathi njalo ngenyanga, ngamakota, nangonyaka.

Njengoba siqala unyaka wezimali ka-2026/2027, umasipala uhlele ukusebenzisa isabelomali ngokugxila ezinhlelweni zemiklamo ezophucula ukuthunyelwa kwezidingongqandi, zivuselele umnotho wendawo, zigcine ingqalasizinda kamasipala isesimeni, ziphinde ziqinise namandla okusebenza kukamasipala. Ukuphumelela kwalezi zinhlelo kuncike ekuphathweni kahle kwezimali, ukulandelelwa kwabanezinkontileka ngendlela efanele, kanye nokuqapha ukusebenza kubona bonke omasipala ngaso sonke isikhathi.

UMasipala usazibophezele ekusebenzeni ngokuhambisana nomthetho **we-Municipal Finance Management Act (MFMA) kanye ne-Municipal Systems Act, 32 of 2000 (MSA)**, yohulumeni basekhaya. Kuzogcizelelwa kakhulu ukulungiselelwa nokuthunyelwa ngesikhathi kombiko wezezimali kanye nowokusebenza, okuphoqelekile ukuba kwenziwe, okuhlanganisa nezitatimende zazinyanga zonke **ngokwesigaba 71 se-MFMA**, umbiko wokusebenza kwamakota onke, ukuhlolwa kwamaphakathi nonyaka, kanjalo nombiko wonyaka.

> “Ukuphumelela kwe-SDBIP kuncike ekubambisaneni kobuholi, ukusebenza/ukuphatha ngendlela efanele, ukuphathwa kwezimali ngokucophelela kanye nokuzibophezela kwabo bonke abasebenzi ekusebenzeni ngokwamandla abo nangempumelelo.

Imibiko inikeza uMklandlu, izinhlaka zokuqapha, kanye nohulumeni wesifundazweni kanjalo nokazwelonke ngemininingwane eqondile ukuze kubonakale ukusebenza kwezimali kanye nenqubekela phambili kwezokuthunyelwa kwezidingongqangi.

Ukubhekwa kwendlela yokusebenza kuzolokhu kuseqhulwini kulo nyaka wezimali. Ngokuhambisana **neSigaba 6 seMunicipal Systems Act**, umasipala uzoqhubeka nokuqapha, ukubuyekeza kanjalo nokuhlola izindlela okusetshenzwa ngazo maqondana nalokho umasipala uhlose ukukufezekisa okuqukethwe ku-SDBIP. Ukubuyekezwa njalo kokusebenza kuzokwenza umasipala ukuba ukwazi ukuhlonza kusenesikhathi izingqinamba ekwenziweni komsebenzi, ukuze kuthathwe izinyathelo ezifanele uma kunesidingo futhi kuqinisekiswe ukuthi kuba khona ukuphendula emazingeni onke kamasipala.

Ukuphumelela kwe-SDBIP kuncike ekubambisaneni kobuholi, ukusebenza/ukuphatha ngendlela efanele, ukuphathwa kwezimali ngokucophelela kanye nokuzibophezela kwabo bonke abasebenzi ekusebenzeni ngokwamandla abo nangempumelelo. Mayelana nokuqhubeka nokuqapha, ukubika okusobala, nokusetshenziswa/ukuphathwa kahle kwezinsiza zomphakathi, sisakhombisa ukuzimisela ekufezekiseni izinhloso zomkhandlu nokuhlangabezana nezifiso zemiphakathi.

Ngithanda ukubonga uMeya, uSomlomo, amalungu oMkhandlu, abaphathi, abasebenzi bakamasipala, kanye nabo bonke ababambiqhaza ngokuqhubeka nokuseseka nokuzibophezela. Ngokubambisana, sizosebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi senza umsebenzi obonakalayo isabelomali esigunyazwe uMkhandlu, kubenokuthuthukiswa kwengqalasizinda okusimeme, kuphuculwe isimo sezakhamuzi zesiFunda iHarry Gwala.

**Mnu uG. M. Sineke**
**IMenenja kaMasipala**

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
IZINSIZAKALO ZENGQALASIZINDA



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
EZABASEBENZI



**UMNU ULINDUMUSA GWALA**
IZINSIZAKALO ZAMANZI



**NKS THOBEKA MAHLABA**
IZINKONZO ZEMIHLALA



**UMNU UTHEMBA BONGANI MNGUNI**
ISIKHULU ESIPHEZULU SEZEZIMALI

# BHALISELA UKUVOTA



**USUKU 1 – IMPELASONTO YOKUGCINA YOKUBHALISELA UKUVOTA OKHETHWENI LOHULUMENI BASEKHAYA LUKA-2026**
Umhlaka 1 Agasti 2026 ngo-08:00 ekuseni kuze kuvalwe 05:00 ntambama
**Ezikhungweni zokuvota ezweni lonke**

**USUKU 2 - IMPELASONTO YOKUGCINA YOKUBHALISELA UKUVOTA OKHETHWENI LOHULUMENI BASEKHAYA LUKA-2026**
Umhlaka 2 Agasti 2026 ngo-08:00 ekuseni kuze kuvalwe ngo-05:00 ntambama
**Ezikhungweni zokuvota ezweni lonke**

**UKHETHO LOHULUMENI BASEKHAYA LUKA-2026**
uMhlaka 04 Novemba 2026 ngo-07:00 ekuseni kuze kuvalwe ngo-09:00 ebusuku

**Izikhungo zokuvota ezweni lonke**
UMengameli uCyril Ramaphosa uqinisekise usuku lokuvotela ohulumeni basekhaya oluzoba ngoLwesithathu mhlaka **4 kuNovemba 2026**. Ngabe awukabhalisi, noma usanda kushintsha indawo yokuhlala? Qinisekisa ukuthi ukuvota ukubhalisele ngaphansi kwesifunda osuhlala kuso manje, ngoba uzokwazi ukuvota lapho obhalisele khona kuphela. Bhalisa noma ubheke imininingwane yakho edinga ukushintshwa ngokuba uvakashele ku-**registertovote.elections.org.za**. Noma uziyele mathupha esikhungweni sokuvota ngomhlaka. **Ungakhohlwa ukuphatha umazisi wakho (ID).**

Ukuthola isikhungo sakho sokuvota ngaphansi kwesiFunda iHarry Gwala, sebenzisa i-Electoral Commission Voting Station Finder noma ubheke imininingwane ku-IEC South Africa portal.

IsiFunda iHarry Gwala (esiseNingizimu nentshanalanga neKwaZulu-Natal) ngaphansi kwaso sinomasipala abahlanganisa iDr Nkosazana Dlamini Zuma, iGreater Kokstad, uMzimkhulu, kanye noBuhlebezwe, kanti bonke omasipala banezikhungo zokuvota ezifana namahholo kanye nezikole.

**Omasipala bendawo eHarry Gwala**
**IGreater Kokstad:** ngaphansi kwayo kukhona iKokstad namanye amawadi asemakhaya.
**UMzimkhulu:** ngaphansi kwawo kukhona idolobha uMzimkhulu nezinye izindawo eziseduzane.
**UBuhlebezwe:** ngaphansi kwayo kukhona iXobho nezindawo ezakhelene nayo.
**IDr Nkosazana Dlamini Zuma:** Ngaphansi kwayo kukhona i-Underberg, i-Himeville, iBulwer, kanye nezinye izindawo.

IEC
SOUTH AFRICA

**Indlela yokubheka isikhungo sakho sokuvota**
**Ibalazwe eliku-Inthanethi:** Vula iVoting Station Finder ucindezele ikheli lakho.
**Indlela yokuthumela umyalezo:** Thumela **inombolo kamazisi** wakho **ku-32810** ukuze uthole imininingwane ngesikhungo obhalisele kuso ukuvota.



**IMeya wesiFunda**
**UMasipala wesiFunda iHarry Gwala**
**UKhansela uZamo Nxumalo**

# ISIFUNDA I-HARRY GWALA YETHULA KABUSHA UMKHANDLU WENTSHA NGENHLOSO YOKUTHUTHUKISA UBUHOLI BENTSHA




UMasipala wesiFunda iHarry Gwala, ngokubambisana nomasipala bendawo abane abangaphansi kwesifunda, wethule ngokusemthethweni iHarry Gwala District Youth Council emcimbini obubanjelwe ehholo laseMzwandile, eMzimkhulu, nokuyinto egcizelele ukuzibophezela ngokucija ubuholi bentsha, ukubamba iqhaza okunohlonze kanye nokuthuthukiswa kwezenhlalo-nomnotho okusimeme esifundeni sonke.

Ukwethulwa kabusha kuhlanganise izinhlaka ezahlukene, okubalwa nalabo ebebemele uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu (COGTA), iSouth African Youth Council (SAYC), iNational Youth Development Agency (NYDA), ubuholi bukamasipala, abasebenza ngokuthuthukiswa kwetsha kanye nezikhulu zomasipala bendawo ngaphansi kwesifunda.

USihlalo weNtsha esiFundeni, uMnu Mbanjwa, ngesikhathi amukela izicukuthwane, ubalule kakhulu ukubaluleka kweqhaza lentsha ekwakhiweni kwekusasa lesifunda. Ube esemema intsha ukuba izibophezele, ibeqotho futhi ibenenhloso, wayigqugquzela ukuba ibambe iqhaza elibonakalayo ekuthuthukisweni komphakathi, isebenzele ushintsho oluhle.

UMqondisi omkhulu wezinsiza zezenhlalakahle,














**Izethameli kanye nobuholi bukamasipala ngesikhathi kusungulwa kabusha uMkhandlu weNtsha esiFundeni iHarry Gwala, ehholo laseMzwandile, eMzimkhulu. Umcimbi uhanjelwe abakwa-COGTA, i-NDYA, i-SAYC kanye nababambiqhaza kwezentsha ngenhloso yokuqinisa ubuholi bentsha nentuthuko esifundeni.**

























uNksz T.T. Mahlaba, uveze ukuthi ukwethulwa kabusha koMkhandlu weNtsha kuzovuselela kuphinde kuqinise ubudlelwano phakathi kwezikhungo zikahulumeni kanye nentsha futhi yiwo lo mkhandlu ozohamba phambili ekubhekaneni nezinselelo zentsha. Uphinde wabalula ukuthi uMkhandlu weNtsha kulindeleke kube yiwo ozodlala indima enkulu ekufezekiseni izinhlelo ezahlukene zentsha, uMasipala azibeke njengeziseqhulwini kunyakamali omusha.

Ethula inkulumo yakhe, uSomlomo wesiFunda uKhansela S.D. Mdunge uncome iqhaza lamaqhawe ango-Juni 16, wanxusa intsha yanamhlanje ukuba ihloniphe lokho okwenziwa yilesi sizukulwane ngokuthi izishaye indiva izidakamizwa, ikhethe imfundo iphinde ithuthukise amakhono ayo, isebenzise amathuba avela ngezinhlelo zikahulumeni.

Ubalule imizamo eminingi okuhloswe ngayo ukuthuthukisa intsha, ehlanganisa izinhlelo zokuthuthukisa amakhono, usizo lwezincwadi zokushayela, amathuba emifundaze, usizo lokubhalisa abafundi kanye nezinhlelo zokuthuthukisa ngokwezomnotho. Uphinde wagqugquzela intsha ukuba ibambe iqhaza ngokuphelele ezinhlelweni zentando yabantu nasezinhlelweni zentuthuko zikamasipala, wagcizelela ukuthi izwi labo nobuholi kubaluleke kakhulu ekwakhiweni kwemiphakathi ezimelele nephumelelayo.

Uhlelo lwaphetha ngokuba kukhethwe iKomidi eliPhezulu loMkhandlu weNtsha esiFundeni, nobese kusho isiqalo esisha sokumelwa kwentsha. Ngesikhathi emukela ijoka abethweswa lona, uSihlalo omusha uzwakalise ukubonga uMasipala nabasebenzisana nawo ngokwakha inkundla ezozwakalisa amazwi entsha futhi kuqinisekiswe ukubandakanywa kwayo ekuthathweni kwezinqumo nakwezokuphatha.

Ukwethulwa kabusha kweHarry Gwala District Youth Council kuzoqinisa ukubamba iqhaza kwentsha, kucije abaholi bakusasa kuphinde kuqhube inhlalo-mnotho ebandakanyayo. Lokhu kuveza ukuzibophezela kukaMasipala ekuthuthukiseni intsha ngenhloso yokwakha ikusasa elisememe emiphakathini yaseHarry Gwala.




**UMeya uKhansela Zamo Nxumalo, uMeya kuMasipala weNdawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, uKhansela S.P. Msomi, kanye noSomlomo uKhansela S. Mdunge ezigxoxweni ebezibanjwe nenhlangano i-March-on-March esiteshini samaphoyisa eDonnybrook mhlaka 25 Juni 2026.**

# OMEYA BABAMBA IZINGXOXO NOBUHOLI BE-MARCH ON MARCH MAYELANA NENCWADI YEZIKHALAZO ZOMPHAKATHI

UMeya kuMasipala wesiFunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, kanye noMeya kaMasipala weNdawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, uKhansela Sindisiwe P. Msomi, noSomlomo uKhansela Sibongiseni Mdunge, babenomhlangano omkhulu eDonnybrook Police Station nezikhulu zikamasipala nalabo abebemele inhlangano yomphakathi iMarch-on-March kulandela ukuthunyelwa kwencwadi yezikhalazo kubona bobabili omasipala ngomhlaka 25 Juni 2026.

Inhloso yomhlangano kwakungukuthola indlela yokubhekana ngokuhlanganyela izinkinga ezibekwe yinhlangano, ethi zinomthelela ongemuhle emphakathini, kwezokuphepha nakwezomnotho emphakathini waseDonnybrook.

Ezinye zezinto ezisemqoka encwadini yezikhalazo zithinta ukuqiniswa komthetho obhekele abokufika kuleli, ukuthotshelwa kwemithetho yamalayisensi amabhizinisi nemithetho yokuhweba okungalawuliwe, ukulandelwa komthetho wezokuphela nowezempilo, kanye nokuvalwa okwesikhashana kwamabhizinisi abokufika abangenawo amaphepha okuba kuleli kuze kube lokho kuyaqinisekiswa ngokusemthethweni, bese kuba ukwengezwa kwezikhungo zokuthuthukiswa komphakathi.


Ekhuluma emhlanganweni, uMnu K, Nzima, owayemele iMarch on March, wathi le nhlangano ikholelwa ukuthi iNingizimu Afrika kumele iqale ngokuxazulula izinselelo ebhekene nazo zenhlalo kanye nezomnotho ngaphambi kokuba ivumele ukwanda kwabokufika kuleli, wathi abantu bokufika abanamaphepha kuphela okumele bavunyelwe kuleli ngokuhambisana nomthetho.

> “OMasipala banegunya odabeni lokusetshenziswa komhlaba, ukuklanywa kwawo kanye nokulawulwa kwawo, kanti ngakolunye uhlangothi ukuqinisekiswa kobuzwe bomuntu kungena phansi komsebenzi woMnyango wezaseKhaya ngokomthethosisekelo.

Ekhulumela uhlangothi lwesifunda, uMeya uNxumalo waqinisekisa kulabo ababemele umphakathi ukuthi zonke izikhalazo zabo kuzokwenziwa uphenyo olunzulu ngazo ngokulandela imigudu efanele kahulumeni.

Waphinde wabalula ukuthi ngesikhathi somhlangano we-District Development Model (DDM) ngomhlaka 25 Juni 2026, kwakhulunywa kabanzi ngodaba lwabokufika abadayisa ukudla okusolwa ukuthi sekudlulelwe yisikhathi noma akusaphephile, wathi iziphathimandla ezifanelekile zizokwenza okufanele.

"Izinto ezibekiwe zidinga ukuba zibhekwe ngokucophelela, ngokuhambisana nomthetho nangokuhlanganyela," kusho uMeya uNxumalo.
























"OMasipala banegunya odabeni lokusetshenziswa komhlaba, ukuklanywa kwawo kanye nokulawulwa kwawo, kanti ngakolunye uhlangothi ukuqinisekiswa kobuzwe bomuntu kungena phansi komsebenzi woMnyango wezaseKhaya ngokomthethosisekelo. Ngakho sinxusa uMnyango wezaseKhaya ukuba uqinise umsebenzi wokuqinisekisa ubuzwe kwalabo abangabokufika ngokusebenzisa umthetho wezwe omayelana nabokufika kuleli.

Odabeni lokulethwa kwezidingo kubantu, uMeya uNxumalo ukuqinisekisile ukuthi sizocubungulwa isicelo sokwakhiwa komtapo wolwazi eDonnybrook. Uphinde wamemezela ukuthi umasipala uzobheka kabanzi udaba lomhlaba ngenhloso yokuthola abangabanikazi bawo kanye nodaba lwamatatiyela eDonnybrook, okuwuhlelo okulindeleke ukuba lucacise kabanzi ngezinhlelo zekusasa nezentuthuko.

Umhlangano waphetha ngelokuthi omasipala bobabili bathembise ukuthi bazoqhubeka nokuxhumana neminyango yahulumeni efanelekile kanye nababambiqhaza ngaphambi kokuba baphendule iMarch-on-March kanye nomphakathi waseDonnybrook ngosekwenziwe ukubhekana nalokho okubalulwe encwadini yezikhalazo.

# UKUQINISWA KWEZINGUQUKO ZEDIJITHALI NGOKUBAMBISANA NANGAMASU AMASHA













**Ochwepheshe kweze-ICT kanye nezikhulu zikamapasila esithangamini se-Information and Communication Technology District ebesibanjelwe eziNdlini zoMkhandlu kaMasipala iHarry Gwala.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala uqinise ukuzibophezela kwawo ekwenzeni izinguquko kwezedijithali ngokusingatha i-Information and Communication Technology (ICT) District Forum eZindlini zoMkhandlu kuMasipala.

Bekuhlangene ochwepheshe be-ICT, izikhulu zikamasipala kanye nababambiqhaza ababalulekile abavela kuso sonke isifunda ngenhloso yokuqinisa ukubambisana, ukwabelana ngamasu, kanjalo nokubheka izixazululo ezihambisana nobuchwepheshe mayelana nokuthunyelwa kwezidingo kubantu, nokuphucula indlela yokusebenza ihambisane nesimanje kuhulumeni wendawo.

Izingxoxo zazimayelana nokuhlelela umasipala ikusasa elingcono kwezobuchwepheshe, ezihlanganisa ukwenziwa kwezinguquko kwezedijithali, ukuphepha ku-intanethi, ukuphathwa kwemininingo nokunye okuningi, ngenhloso yokwakha omasipala abasebenza ngendlela yesimanje.


Isithangami sasithanyelwe yilabo ebebemele uMasipala wesiFunda uGu, uMasipala weNdawo iRay Nkonyeni, uMasipala weNdawo Umzumbe, uMasipala weNdawo uMuziwabantu, kanye noMasipala weNdawo uMdoni, okuyinto ekhombisa ukuzibophezela ekubambisaneni ngokusetsheniswa kwedijithali kanye nokugqugquzela ukusebenzisana esifundeni.

Mayelana nokugqugquzela ukwabelana ngolwazi kanjalo nezindlela ezingcono zokusebenza, i-ICT District Forum isebenza njengesikhuthazanguquko, isiza omasipala ukuba babhekane nezinselelo ezifanayo ababhekene nazo kwezobuchwepheshe, ngenhloso yokuthola izixazululo ezizoqinisa izindlela zokusebenza ukuze imiphakathi ithole ukusizakala okusezingeni eliphezulu.

Njengoba omasipala besheshisa uhlelo lokuguqukela kwidijithali, izinhlangano ezifana ne-ICT District Forum zisaqhubeka nokuhamba phambili ekulungiseleleni ikusasa lohulumeni bezindawo – uhulumeni okwaziyo ukusungula izinto ezintsha, ovikelekile, ozimelele, futhi ohlome ngokwanele ukuhlangabezana nezidingo zezakhamuzi esikhathini sedijithali.

# ISIFUNDA IHARRY GWALA SIBUNGAZE INYANGA YENTSHA NGOKUTHUTHUKISA AMAKHONO NANGOKUHLOMISA INTSHA



**UMeya uKhansela Z.D Nxumalo ehambisana noSotswebhu uKhansela N. Mhatu kanye noKhansela uMsomi ngesikhathi bexoxisana nentsha lapho bekubungazwa khona inyanga yentsha ehholo laseSoweto, eMorningside. Kulo mcimbi kuphakanyiswe nalabo abahlomule ohlelweni lokuqeqeshelwa i-Cyber Security nolwezincwadi zokushayela.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala ubenomcimbi wokubungaza inyanga yentsha obubanjelwe eSoweto Hall eMorningside, ngaphansi kukaMasipala weNdawo iJohannes Phumani Phungula. Ngalo mcimbi, umasipala ubonise ukuzibophezela ekufukuleni intsha ngemfundo, ngokuthuthukisa amakhono nangamathuba ezomnotho. Umcimbi ubuhanjelwe uMeya, uKhansela Z.D. Nxumalo, uSotshwebhu uKhansela N. Mhatu, uKhansela Msomi, amalungu oMkhandlu weNtsha esiFundeni kanye nentsha yesifunda.

UKhansela Msomi, ngesikhathi amukela abantu, uhalalisele intsha ngenyanga yayo, waphinde wayigqugquzela ukuba isebenzise amathuba agqugquzela ukukhula, ubuholi kanye nekusasa elinempumelelo.

USotshwebhu uKhansela N. Mhatu ukhulume ngokubaluleka kombhikisho waseSoweto wango-1976, wakhumbuza izethameli ngokuthi isibindi nokuzimelela kwentsha yangaleso sikhathi kusaqhubeka nokukhuthaza intsha yanamhlanje. Ugqugquzele intsha ukuba ifunde, ithole amakhono okusebenza futhi ibeyingxenye yezinhlelo ezizokwenza ngcono ukuphila kwayo, waphinde wagcizelela ukuzibophezela kukamasipala ekuqinisekiseni amathuba abandakanya ngokulinganayo, kuhlanganisa nabantu abaphila nokukhubazeka.

Ngesikhathi ethula inkulumo yakhe, uMeya uKhansela Z.D. Nxumalo unxuse intsha ukuba ibambe iqhaza elibonakalayo ezinhlelweni zentando yabantu futhi ithathe izinqumo eziphusile ngekusasa layo. Ubalule izinhlelo zokuthuthukisa intsha wabe esekhuthaza abayingxenye yazo ukuba bawasebenzise ngendlela amathuba ukuze bazakhele ikusasa elisimeme. Okugqame kakhulu kulo mcimbi, kube ngukuklonyeliswa ngezitifiketi ze-Cyber Security ezinikezwe labo asebeqedile ukuba yingxenye yohlelo, ngemuva kokucijwa ngamakhono kwezedijithali. Labo ebebekhethiwe baphinde banikezwa nethuba lokwenza izincwadi zokushayela; okuhloswe ngakho ukubabeka ethubeni elingcono lokuqashwa kanye nokubas yingxenye kwezomnoto.

Uhlelo luphethe ngamazwi okubonga adlulliswe nguSihlalo weNtsha eMzimkhulu uNksz Thozama Peter, oncome umasipala nabasebenzisana nawo ngokuqhubeka nokuthuthukisa intsha. Lo mgubho ugcizelele ukuzibophezela kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala ekuhlomiseni intsha ngolwazi, amakhono kanye nangamathuba adingekayo ukwakha ikusasa elinempumelelo nelisimeme.



# UMASIPALA OHLINZEKAYO:

## KWEDLULISELWE EMPHAKATHINI IMIKLAMO EMITHATHU YENGQALASIZINDA ENKULU





**UMeya uKhansela Zamo Nxumalo kanye noSomlomo uKhansela S, Mdunge benikezela emphakathini ngokusemthethweni iThuthukani Water Supply Scheme.**




UMasipala wesiFunda iHarry Gwala uyaqhubeka nokwenza umsebenzi wentuthuko obonakalayo ezimpilweni zezakhamuzi kulandela ukuphothulwa nokunikezelwa ngempumelelo kwemiklamo emithathu emikhulu yengqalasizinda okuhloswe ngayo ukwenza ngcono uhlelo lokutholakala kwamanzi, ukuthuthwa kwendle, kanye nenhlalonhle yomphakathi.

IMeya kuMasipala wesiFunda iHaryy Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, ephelezelwa uSomlomo uKhansela Sibongiseni Mdunge, amalungu oMkhandlu, ubuholi bukamasipala, kanye nababambiqhaza ababalulekile, bedlulisele ngokusemthethweni imiklamo ngesikhathi kunomhlangano womphakathi obekuhloswe ngawo ukuveza ukuzibophezela kukamasipala ekusheshiseni ukulethwa kwezidingo esiFundeni.

Phakathi kwemiklamo emikhulu ephothuliwe kubalwa neThuthukani Water Supply Scheme, okuwumklamo obalulekile ekuhlinzekeni ngamanzi ahlanzekile emphakathini waseThuthukani. Umklamo uhlanganisa ukufakwa kwethangi lamanzi elingamalitha angu-5,000 olenzelwe ukuqinisekisa ukugcinwa kwamanzi nokutholakala kwawo.

Lo mklamo ubhekana ngqo nokushoda kwamanzi obesekwenzeke


















isikhathi eside kanye nengqalasizinda egugayo, nokuyinto ehambisana nohlelo lukamasipala olwaziwa nge-Integrated Development Plan (IDP) okuhloswe ngalo ukunciphisa ukusalela emuva kokulethwa kwezidingo kubantu. UMasipala yiwona okhokhele izindlelo nokulethwa kwempahla yokwakha ebidingeka ukuqhuba umklamo.

EBhongweni, izakhamuzi kulindeleke zihlomule kakhulu ngokulungiswa nangokuthuthukiswa okunqala kwengqalasizinda yasendaweni. Uma usuqediwe, umklamo uzokwenza ngcono uhlelo lokuhlinzeka kwamanzi ngokwanele emizini engalinganiselwa kwengu-3,991, nokuzokwenza umehluko omkhulu ezimpilweni zezinkulungwane zezakhamuzi.

Inkampani iZimile (Pty) Ltd iyona eqokelwe ukubhekana nomsebenzi wobunjiniyela kulo mklamo; kanti Imvusa Trading neMina Trading bona baqokelwe umsebenzi wokwakha.

Umasipala waphinde wanikezela ngeMahhagi Waterborne Sanitation Yard Connection Project emphakathini wakuWadi 5. Umklamo wezokuthuthwa kwendle uzohlomulisa imizi engu-186, ubenomthelela omuhle kwizakhamuzi ezingu-750 ngenxa yokulungiswa kwezokuthuthwa kwendle okunika isidima futhi okuphephile. Umklamo kulindeleke uphucule izinga lempilo emphakathini, inhlanzeko, imvelo, uphinde uphucule isimo sendawo ngenhloso yokuba kusizakale imiphakathi.

Ukwakhiwa kwengqalasizinda kuhambisane nohlelo lukamasipala lokuqeqesha ngaphansi kwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) olusingathwe ezindlini zoMkhandlu zikaMasipala eGreater Kokstad, nokuyilapho ababambiqhaza abangu-54 be-EPWP bethole ukuqeqeshwa ngenhloso yokubabeka emathubeni angcono okuthola imisebenzi nempilo engcono.


I-EPWP ingezinye zezinhlelo zikahulumeni ezibaluleke kakhulu ekubhekaneni nenhlalo-mnotho, ngokuhlinzeka ngamathuba esikhashana omsebenzi, ukwesekwa ngezimali, ukuthuthukiswa kwamakhono, nokunikeza amava omsebenzi labo abangasebenzi, nokuyizinto ezinomthelela ekuthuthukiseni umphakathi.

Ekhuluma nezakhamuzi emcimbini wokunikezelwa komklamo, uMeya uKhansela Zama Nxumalo uzwakalise ukubonga imiphakathi ngokuqhubeka nokubambisana nomasipala ezinhlelweni zentuthuko.

"Sibonga umphakathi ngokuhlangabezana nomasipala ekuqinisekiseni ukuthi intuthuko ifinyelela kuyona yonke imizi. Ukulethwa kwezidingo kungumsebenzi owenziwa ngokuhlanganyela, kanti futhi ndawonye singakha umphakathi ezimelele," kusho uMeya.

UMeya uphinde wagqugquzela izakhamuzi ezivumelekile ukuvota ukuba zisebenzise ilingelo lazo lentando yabantu ngokubhalisela ukuvota, zibambe iqhaza okhethweni oluzayo, egcizelela ukuthi iqhaza elibonakalayo lezakhamuzi libaluleke kakhulu ekuthuthukeni kohulumeni bezindawo.

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala uphucule izimpilo zezakhamuzi ngokwethula kanye kanye izinhlelo zengqalasizinda yamanzi, ukuthuthwa kwendle, kanye namathuba emisebenzi, okuwusizo ekuthuthukeni komnotho. Ngale miklamo, umasipala uyaqhubeka nokwenza imisebenzi ebonakalayo, ehambisana nezidingo zomphakathi kusona sonke isiFunda.















# UMPHAKATHI WAKUWADI 22 UDLULISELWE NGOKUSEMTHETHWENI UMKLAMO OWAZIWA NGEMNQUMENI WATER SUPPLY SCHEME

**UMeya uKhansela Z.D Nxumalo, iSekela leMeya uKhansela N. Jojozi noSomlomo uKhansela S.D Mdunge ngesikhathi kunikezelwa kumphakathi ngeMnqumeni Water Supply Scheme, ehholo laseKhiliva, kuWadi 22, eMzimkhulu.**





UMasipala wesiFunda iHarry Gwala, ngokubambisana noMasipala weNdawo uMzimkhulu, bethule ngokusemthethweni iMnqumeni Water Supply Scheme kuWadi 22 emcimbini obubanjelwe eHhlo laseKhiliva, eMzimkhulu.

Lo mcimbi ubuthanyelwe yiMeya kuMasipala wesiFunda iHarry Gwala uKhansela u-Z.D. Nxumalo, yiSekela Meya uKhansela Nosisa Jojozi, uSomlomo uKhansela S.D. Mdunge, uSotshwebhu uKhansela N. Mhatu, amakhansela, yizikhulu zikamasipala, abaholi bendabuko, kanye nalabo ebebemele iminyango eyahlukene kahulumeni, okubalwa noMnyango wezoLimo, owezeMpilo, owezokuThuthukiswa koMnotho, owezokuVakasha nezeMvelo (EDTEA), kanye neKhomishana eZimele yoKhetho (IEC).

Ikhansela yeWadi, uKhansela Lukhakhayi, ngesikhathi amukela izicukuthwane, uzwakalise ukubonga uMasipala wesiFunda iHarry Gwala ngokubhekana nezinselelo zamanzi, umphakathi obusuzibekezelele isikhathi eside.  Uchaze ukuphothulwa kwalo mklamo njengento ekhombisa amandla okusebenzisana phakathi kukahulumeni nemiphakathi ekuqhutshweni kwentukutho.

ISekela Meya uKhansela Nosisa Jojozi wethule izicukuthwane, iMenenja kaMasipala yona yaphakamisa izikhulu, onjiniyela kanye nethimba lomklamo elisebenze ngokuzimisela ukuqinisekisa ukuthi lo msebenzi uphothulwa ngempumelelo. USomlomo uKhansela S.D. Mdunge uthe ukunikezela ngomklamo emphakathini kuveza ukuzibophezela kukahulumeni ekuphuculeni indlela yokuthunyelwa kwezidingo kanye nokwakhela imiphakathi yasemakhaya ingqalasizinda ebalulekile.

Abaholi bendabuko, okubalwa kubo iNkosi M.B. Mjoli, iNduna Z. Bly, no-L. Fodo, bamukele umklamo njengomsebenzi oletha ushintsho oluzokwenza ngcono ukutholakala kwamanzi ahlanzekile emakhaya, iqinise ezolimo, ivule namathuba amasha omnotho. Bancome omasipala bobabili ngokubeka eqhulwini intuthuko yendawo yasemakhaya nangokusebenzela izidingo zemiphakathi yendawo.

Abebemele i-IEC basebenzise lo mcimbi ukukhuthaza izakhamuzi ngokuba zibambe iqhaza okhethweni oluzayo ngokuba zisebenzise ilungelo lazo lentando yabantu ngokuvota.

Ekhulumela uhlangothi lweMeya kuMasipala



weNdawo uMzimkhulu, uSomlomo uKhansela Lukhakhayi ukushayele ihlombe ukwethulwa ngempumelelo komklamo wabe esenxusa izakhamuzi ukuba ziyiqaphe ingqalasizinda ingacekelwa phansi futhi kungabikho ukuxhunywa kwamapayipi amanzi ngokungemthetho, waxwayisa ngokuthi lezi zinto yizona ezibeka engcupheni ukuhlinzekwa kwamanzi esikhathini esizayo.

Ngesikhathi ethula inkulumo yakhe, uMeya kuMasipala wesiFunda iHarry Gwala uKhansela Z.D. Nxumalo uthe iMnqumeni Water Supply Scheme, eyasungulwa ngo-2019, iyingxenye yokuzibophezela kukamasipala ekuhlinzekeni ngamanzi okuphuza aphephile natholakala ngaso sonke isikhathi.

Uveze ukuthi kumaWadi angu-22, angu-18 kuwona aseyawathola amanzi, kanti amanye asele azofakwa ngaphansi komklamo wengqalasizinda yamanzi oqhubekayo ozodla u-R78 million, ozohlinzeka izinkulungwane zabantu ngamanzi ahlanzekile azobe ephuma kompompi abasha.

UMeya uNxumalo ugcizelele ukuthi ukulethwa kwezidingo okusimeme kuncike ekusebenzisaneni kukahulumeni nemiphakathi. Umeme izakhamuzi ukuba zivikele ingqalasizinda yomphakathi, zisebenzise amanzi ngokufanalekile, zingavumi ukuba kuxhunywe amanzi ngokungemthetho.

Ecaphuma amazwi kalowo ongasekho emhlabeni, uMungameli Nelson Mandela, "impilo engcono kuwo wonke umuntu," uMeya uthembise umphakathi ngokuthi umasipala usazibophezele ekuletheni izidingo zomphakathi, ukuphucula indawo yokuhlala, nokwakha intukutho ebandakanyayo esiFundeni iHarry Gwala.

Ukunikezelwa kweMnqumeni Water Supply Scheme kusho enye ingqophamlando emizameni eqhubekayo kamasipala yokuhlinzeka ngengqalasizinda yamanzi athembakele, iphucule isidima semiphakathi yasemakhaya, nokwakha ikusasa elizimelele lapho wonke amakhaya ekwazi ukusebenzisa izinsiza ezibalulekile.












# KUNIKEZELWE NGOMKLAMO IKHUKHULELA WATER SCHEME KANYE NEZITIFIKETI ZE-EPWP KUWADI 05



UMasipala wesiFunda iHarry Gwala usingathe ngempumelelo umcimbi wokunikezela ngomthamo iKhukhulela Water Scheme kanye nezitifiketi ze-Expanded Public Works Programme (EPWP) eDazini Sports Field eKilmun, ku-Ward 05, ngaphansi kukaMasipala weNdawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma.

Umcimbi wenziwe ngokubambisana neMbizo yesiFundazwe iKwaZulu-Natali yokulwisana nobugebengu, ebiholwa uNdunankulu uThamsanqa Ntuli, obuhlanganise abaholi bakahulumeni, abaholi bendabuko, ababambiqhaza, kanye namalungu omphakathi ngenhloso yokuqhuba umsebenzi wokulethwa kwezidingo, ukuqinisa ezokuphepha emphakathini, kanjalo nokugqugquzela intuthuko esimeme endaweni yasemakhaya.

Ethula inkulumo yakhe, uMeya woMasipala wesiFunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo ubonge uNdunankulu uNtuli ngethuba lokusingatha uhlelo lwemicimbi emibili, akuchaze njengento ekhombise amandla okubambisana ngnhloso yokubhekana nezidingo zomphakathi.

UMeya uphinde wabonga ukwesekwa nokusebenzisana kwethimba lezokuphatha esifundeni, izikhulu zikamasipala kanye nababambiqhaza, athe ukusebenzisana kwabo kuyaqhubeka nokuqinisa ukuxhumana nomphakathi nokuqhuba ngempumelelo intukutho esifundeni.

UMeya uNxumalo uchaze umthamo iKhukhulela Water Scheme njengomsebenzi oseqhulwini wesikhathi eside owaqalwa kusukela ngo-2021 ngenhloso yokuba amanzi atholakale kangcono edonswa emfuleni. Ubalule ukuthi umklamo kumanje usuvele ukuphuculile ukutholakala kwamanzi ahlanzekile eDazini kulandela ukufakwa kompompo emphakathini, abahlinzeka ngosizo imizi esendaweni.



Uma umthamo usisebenza ngokuphelele, uzodonsa uphinde uhlanze amanzi asuka emfuleni uMzimkhulu ngaphambi kokuba uwadlulisele eCentocow Water Supply System ezowasabalalisela emiphakathini okubalwa kuyo iMvundleni, eDazini, kwaNomagaga, eMpumulwane, nasezindaweni ezakhelene nalezi zindawo. Lo mthamo usho lukhulu mayelana nomsebenzi wokuhlinzeka ngamanzi ngokwethembeka nangokwesikhathi eside emiphakathini yasemakhaya.

UMeya uphinde wagcizelela ukuzibophezela kukamasipala ekwandiseni ukutholakala kwamanzi ahlanzekile ngokwesigaba 4 somthamo, esizokwandisa ukutholakala kwamanzi emiphakathini engakafakelwa amanzi njengamanje, okubalwa kuzo indawo yaseGxalingenwa, eNkangala, eNdodeni, nakwaNdlangisa, ukuqinisekisa ukuthi awukho umphakathi ozosalela ngaphandle entuthukweni yesifunda.

Ngaphezu kokuthuthukiswa kwengqalasizinda, uMeya uNxumalo uzwakalise ukweseka kakhulu ukuqiniswa kwemizamo yokulwisana nobugebengu, ikakhulukazi ukwebiwa kwemfuyo, okuqhubekayo nokuhlalisa kabi umphakathi. Wamukele ukusebenzisana okuqhubekayo phakathi kwe-IEC neMunicipal Demarcation Board ukubhekana nodaba lwemigcele kamasipala olukhathazayo, waphinde wagqugquzela izakhamuzi ukuba zibambe iqhaza elibonakalayo ngempelasonto yokubhalisela ukuvota yango mhlaka 1-2 ku-Agasti 2026, wagcizelela elokuthi ukubamba iqhaza elibonakalayo kuqinisa intango

























**Izikhulu kanye nabahlomuli be-EPWP ngesikhathi kunikezelwa ngoMklamo weKhukhulela Water Scheme kuWadi 05. Intsha ebiyingxenye yohlelo inikezwe izitifiketi ngemva kokuqeqeshelwa i-Steel Fixing, i-Occupational Health and Safety, ezokucisha umlilo kanjalo nokusebenza endaweni ephakeme.**


yabantu futhi kuqinisekisa ukuthi imiphakathi ibanezwi elizwakalayo ekwakhiweni kwekusasa.

Okugqame kakhulu emcimbini kube ngukunikezelwa kwezitifiketi ze-EPWP entsheni ezuze kulolu hlelo ngaphansi kwesiFunda iHarry Gwala. Abathole izitifiketi yilabo abaphothule ngempumelelo ekuqeqeshelweni ukusebenza ngezinsimbi, ukusebenza endaweni ephakeme, ukuba yi-SHE Representative, isisekelo kwezokucishwa kwemililo, kanye ne-Occupational Health and Safety.

Lokhu kuqeqeshwa okugunyaziwe kuhlomise abebeyingxenye yakho ngamakhono okusebenza, amakhono asezimbonini kanti futhi lokhu kuzoqinisa amathuba abo okuqashwa, kuphucule izinga lokuphepha endaweni yokusebenza, kuvule amathuba omnotho kuphinde kubenesandla ekwakhekeni komphakathi ophephile nozimelele.

Ukunikezelwa ngempumelelo kweKhukhulela Water Scheme Project kanye nokuphakanyiswa kwalabo ebebeyingxenye ye-EPWP kugcizelela ukuzibophezela kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala ekuhlinzekeni ngengqalasizinda esimeme, ukuhlomisa intsha ngokuthuthukisa amakhono, nokuqinisa ubudlelwano obuqhubela phambili ukukhula kwenhlalo-mnotho ebandakanyayo. Ngemisebenzi efuze le, umasipala uyaqhubeka nokwakha imiphakathi ezimelele, ukuphucula izinga lempilo, nokusheshisa intuthuko kusona sonke isifunda.

# UMEYA WESIFUNDA UHOLE UMGUBHO WEMIZUZU ENGU-67 KAMADIBA KUBUYISWA ITHEMBA NESIDIMA EMNDENINI WAKWANTOMBELA







**UMeya uKhansela Zamo Nxumalo kanye nezikhulu zikamasipala ngoSuku lukaMandela ngesikhathi kulungiswa umuzi kagogo uThandi Ntombela, kuWadi 04, eXobho ngoJulayi 17, 2026**

Njengengxenye yokuhlonipha amagalelo kalowo owayenguMongameli wezwe uNelson Mandela, uMasipala wesiFunda iHarry Gwala, ngaphansi kobuholi bukaMeya uKhansela Zamo Nxumalo, unikele ngemizuzu engu-67 ubuyisa ithemba nesidima emndenini wakwaNtombela eSeminary, kuWadi 04, ngaphansi kukaMasipala weNdawo iJohannes Phumani Phungula eXobho.

Ngomhlaka 17 Julayi 2026, uMasipala uhloniphe usuku lukaMandela ngokuhambela ugogo uThandi Hermina Ntombela, 82, ohlala nabazukulu ababili. Bekhuthazwa yimpilo kaMadiba yokucabangela abanye abantu, uMeya uNxumalo uhole uhlelo yokulungisa indlu yomndeni wakwaNtombela ngenhloso yokuphucula isimo ohlala ngaphansi kwaso lo mndeni.

Izikhulu zikaMasipala kanye namavolontiya benze imisebenzi eyahlukene, okubalwa kuyona ukuhlanza igceke, ukulungisa ugesi, ukulungisa nokuplanstela udonga lwendlu. Idlu igcine isibukeka njengekhaya elinesithunzi esifanele bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Ebona izidingo zomndeni uMeya uNxumalo uphinde wanikezela ngamaphasela okudla nangevawusha yomnfaniswano wesikole kumzukulu kagogo oneminyaka eyisishagalombili ubudala, ukuqinisekisa ukuthi uya esikoleni enokuziqhenya, ukuzethemba, kuphinde kuvuseleleke nethemba ngekusasa.

Ekhuluma nalabo abebekhona, uMeya uNxumalo

> "Esingakwenza ukuhlonipha uMengameli Nelson Mandela ukushintsha izimpilo zabantu ngokwenza okuhle. Ngokwelula isandla, ukubuyisa isidima nokuma ngasohlangothini lwemindeni entulayo, siwugcina uphila umbono kaMadiba wokunakekelana.




ugcizelele ukuthi usuku lukaMandela lungaphezu nje komgubho wonyaka – luyisikhumbuzo sokuthi ubuholi bulinganiswa ngemisebenzi, ubuntu, kanjalo nesifiso sokufukula labo abasweleyo.

"Esingakwenza ukuhlonipha uMengameli Nelson Mandela ukushintsha izimpilo zabantu ngokwenza okuhle. Ngokwelula isandla, ukubuyisa isidima nokuma ngasohlangothini lwemindeni entulayo, siwugcina uphila umbono kaMadiba wokunakekelana," kusho uMeya.

UMeya ubonge umndeni wakwaNtombela ngokubamukela ngemfudumalo emndeni wabo waphinde wabonga umsebenzi omuhle kaNksz Madondo waseCaritas Roman Catholic Church, obatholele impahla yokwakha. Uphinde wabonga uMnyango wezoLimo ngokunikela ngezithombo.

Ubonge nezinhlaka ezingaphansi kukaMasipala okuyi-Infrastructure Services Unit, i-Strategic Support Office, i-Environmental Health Services Unit, kanye ne-Disaster Management Centre, athe ukuzinikela kwabo nokusebenzisana kwenze ukuba luphumelele lolu hlelo.

Uhlelo losuku lukaMandela luyabonisa ukuthi uMasipala wesiFunda iHarry Gwala uzibophezele entuthukweni yomphakathi, emsebenzini wenhlalo, nokuphatha okukhathalelayo. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi umlando kaMandela uyaqhubeka nokukhuthaza ukwenza ubuntu okubuyisa ithemba, kuqinise ubudlelwano kuphinde kuphucule izimpilo zabantulayo emphakathini.

Ngezenzo ezifuze lesi, uMasipala uyaqhubeka nokubonisa ubuntu kanye nentuthuko ebandakanyayo, ukuqinisekisa ukuthi awukho umndeni ovalelwa ngaphandle emizameni yokuphucula impilo yabo bonke abantu.

**#MandelaDay2026**
**#67MinutesForMadiba**
**#ServingCommunities**
**#HarryGwalaDistrictMunicipality**
**#RestoringHope**
**#LeavingNoOneBehind**











**UMeya wesiFunda uKhansela Zamo Nxumalo enikezela ngezinsiza zamabhizinisi kumabhizinisi angu-17 abesifazane, intsha kanye nabaphila nokukhubazeka.**


# UKUHLOMISA OSOMABHIZINISI, NOKUGUQULA IZIMPILO NGOKUTHUTHUKISWA KWAMABHIZINISI

Emizameni yokuthuthukisa ukukhula komnotho obandakanya bonke abantu kanye nokusebenza kahle kwamabhizinisi, iHarry Gwala Development Agency (HGDA) isingathe ngempumelelo i-MSME Development Programme Business Equipment Handover eXobho. Lokhu kungubufakazi bokuzibophezela kwe-HGDA ekufukuleni amabhizinisi asendaweni, ukuhlomisa osomabhizinisi abasha, kanjalo nokuvula amathuba omnotho esiFundeni iHarry Gwala.

UMeya wesiFunda, uKhansela Zamo Nxumalo, uhole umcimbi okunikezwe kuwona izinsizakusebenza amabhiziniasi angu-17 abantu besifazane, awentsha kanye nawalabo abaphila nokukhubazeka esifundeni sonke. Lo mkomelo uyingxenye yohlelo lukaMasipala lokwakha umnotho obandakanya wonke umuntu lapho khona amabhizinisi edlala indima enkulu ekulwisaneni nobubha, ukwakha imisebenzi nasekuthuthukiseni umphakathi.

Phakathi kwabahlomulile kubalwa nentsha engasebenzi ephothule ngempumelelo uhlelo lwangonyaka odlule lokuqeqeshelwa ukukhandwa komakhalekhukhwini olungaphansi kwe-HGDA. Bonke banikezwe amathuluzi okukhanda omakhalekhukhwini, azobasiza ekuqaleni ngokwabo amabhizinisi, bazenzeke imali, futhi babeyingxenye yokukhulisa umnotho  wasemalokishini nasezindaweni zasemakhaya.

Lo mcimbi ubuhanjelwe amababmbiqhaza, okubalwa kubo noSihlalo weBhodi le-HGDA, uMnu Zweli Baleni, uSihlalo weXobho Chamber of Business, uMnu Mphathi Madondo, yizikhulu zikahulumeni, abaholi bamabhizinisi, abalingani bezentuthuko, osomabhizinisi abasafufusa, bonke bebehlangene





























ngodaba lombono lokuthuthukiswa koMnotho namabhizinisi.

Ukunikezela ngezinsizakusebenza kukhombisa ngokusobala ukuzibophezela kwe-HGDA ekufukuleni amabhizinisi amancane. Ngokunikeza osomabhizinisi amathuluzi okusebenza, i-HGDA iqinisa ukuncintisana kwamabhizinisi, yenzengcono ukusimama, yandise namathuba okuba yingxenye yomnotho wendawo. Lezi zenzo azigcini nje ngokuqinisa amabhizinisi omuntu ngamunye kodwa ziphinde zibenomthelela ekusimameni komnotho emiphakathini.

Kukhulunywa nalabo abazuzile, izikhulumi zigcizelele ukuthi amathuluzi asho okungaphezulu kokutshalwa kwezimali, asho ukwethenjwa kwabo ngokuthi bangaba abaholi bamabhizinisi aphumelelayo futhi babengabaqashi bakusasa. Kugqugquzelwe ukuba osomabhizinisi ukuthi basebenzise izinsiza ngobuqotho, ukuzibophezela, basungule izinto ezintsha, bazimelele futhi bakwazi ukuphatha ngendlela izimali. Bakhunjuzwe nokuthi ukuphumelela kwebhizinisi okusimeme kwakhiwa ukuzimisela, ukufunda ngaso sonke isikhathi kanye nokuzibophezela ekulweleni ukwenza kahle ngaso sonke isikhathi.

Njengoba iHarry Gwala Development Agency iqhubeka nokuthuthukisa amabhizinisi, izinhlelo ezifana ne-MSMEs Development Programme zikhombisa amandla oweseka osomabhizinisi basendaweni. Ngokweseka osomabhizinisi abasafufusa nokuvula amathuba okuba yingxenye yomnotho, i-HGDA yakha isiFunda iHarry Gwala esiqinile, esizimelele, nesicebile, lapho amabhizinisi amancane eyimigogodla yokukhula, esungula okusha futhi enzangcono nezimpilo zabo bonke abantu bendawo.

# Abezokuxhumana esifundeni bazibophezela ekuxhumaneni okuqotho ngaphambi kokhetho oluzayo lohulumeni basekhaya














**Abezokuxhumana abebephuma ezindaweni ezahlukene ngaphansi kwesifunda bathamele i-Quarterly District Communicators Forum ezindlini zoMkhandlu eKokstad ngaphambi kokhetho loHulumeni baseKhaya.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala usanda kusingatha I-Quarterly District Communicators Forum ezindlini zoMkhandlu eKokstad, lapho bekuhlangene khona abezindaba (abaxhumanisi) abavela kusona sonke isifunda ngenhloso yokuqinisa ukusebenzisana nohulumeni kanye nokugcizelela imigomo kahulumeni yezokuxhumana ngobuqotho njengoba eqina amalungiselelo okhetho oluzayo lohulumeni basekhaya.

Kule nkundla kukhulunywe ngeqhaza elikumthethosisekelo labezokuxhumana abasebenzela umasipala ngesikhathi sokhetho, kwagcizelelwa ukungachemi, ukwenza umsebenzi ngendlela efanele kanjalo nokuthembeka ekusebenzeleni umphakathi. Labo abebeyingxenye yalo mhlangano bagcizelele ukuthi, nakuba abezokuxhumana besebenza ezikhungweni eziholwa osopolitiki, umsebenzi wabo ngokomthethosisekelo ukungachemi ngokwezepolitiki, kodwa ukuhlinzeka umphakathi ngolwazi oluyiqiniso nolusheshayo ukuze bakwazi abantu ukusebenzisa nokuthola usizo kumasipala futhi babeyingxenye yokusebenza kukahulumeni wendawo.

Ezingxoxweni kuphinde kwagcizelelwa ukubaluleka kokugcina ukuthembeka kwabezokuxhumana abangaphansi kukahulumeni ngesikhathi sokhetho noma ngabe sesimanzonzo kangakanani isimo ngokwezepolitiki. Njengoba yanda imikhankaso yokhetho, abezokuxhumana bagqugquzelwe ukuba bahlale ngobuqotho, futhi bagxile emsebenzini wokulethwa kwezidingo, ukuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zithola ngaso sonke isikhathi ulwazi oluthembekile, olusobala futhi olungachemile kungakhathalekile ukuthi sinjani isimo sezepolitiki.

Kule nkundla kuphinde kwagqanyiswa kakhulu ukubaluleka kwezokuxhumana kuhulumeni wentando yabantu, okusiza kakhulu ukuba bahlale benolwazi baphinde baziswe nangezinhlelo zikamasipala ezithuthukisa izimpilo zamalungu omphakathi kuso sonke isiFunda iHarry Gwala.

Ngesikhathi amukela izihambeli, uSomlomo kaMasipala waseKhaya iGreater Kokstad, uKhansela B.K. Nozaza, uncome abezokuxhumana ngokuzimisela kwabo ekubekeni izinto obala, ekufuneni izimpendulo ngezinqumo nasekubonakaleni kukahulumeni osebenzayo. Ushayele ihlombe ukwanda kokubonakala kwemisebenzi yentuthuko eyenziwa umasipala esifundeni sonke nokudalwa ukusebenzisana nabezokuxhumana wabe esebagqugquzela ukuba baqhubeke nokusebenza ngokuzimisela ekugqamiseni imisebenzi emihle kahulumeni.

Lo mhlangano wekota yonyaka uphethe ngokuzibophezela okusha yokugcina izinga eliphezulu lobuqotho kwezokuxhumana kuhulumeni, ukuqinisa ukusebenzisana komasipala nokuqinisekisa ukuthi izwi likahulumeni wasekhaya liyaqhubeka nokuzwakala emphakathini wonkana ngokuthembeka nangokufanelekile. Njengoba isifunda sibheke okhethweni, abezokuxhumana bazibophezele ngokuqinisa ukuxhumana nezakhamuzi nangokuqinisa ukwethembeka kwezikhungo zikahulumeni wasekhaya kubantu.

# UHLELO LOKUHLOMISA EBEBEYINGXENYE YE-EPWP NGOKUZOBAPHILISA











**Abahlomuli be-EPWP babeyingxenye yokwethulwa kwe-Empowerment Programme kanye ne-Skills Development Plan yango-2026/27 kubona bobane omasipala bendawo.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala uluqalise ngempumelelo uhlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) lokuhlomulisa abayingxenye yalo, komasipala bendawo bobane - iJohannes Phumani Phungula, uMzimkhulu, iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, ne-Greater Kokstad-kwahlomula abangu-367 ebebeyingxenye yohlelo.

Lokhu kugcizelela ukuzibophezela kukaMasipala ekuthuthukiseni amakhono, ukunikeza amandla ezomnotho, nasekwakheni amathuba okuziphilisa kulabo abahlomule ohlelweni i-EPWP.

Njengengxenye yohlelo, labo ebebeyingxenye yalo bethulelwe uhlelo lukaMasipala lwango-2026/2027 olwaziwa nge-Training, Skills Development and Capacitation Plan, olwenziwe ngenhloso yokuqinisa amathuba okuqashwa noma ukuqala amabhizinisi kulabo asebephothule uhlelo i-EPWP.

Ukubonisa ukuzibophezela ngenhlalakahle yabebeyingxenye yohlelo kanye nenqubekela phambili, uMasipala wenze njengokwesinqumo soMkhandlu, welula ngezinyanga eziyishumi nambili isikhathi sazo zonke izinkontileka ze-EPWP obekumele ziphelelwe yisikhathi ngomhlaka 30 Juni 2026, njengoba sezizophelelwa yisikhathi ngomhlaka 30 Juni 2027. Ngesikhathi kuqhubeka uhlelo, labo abayingxenye yohlelo banikezwe ngokusemthethweni izincwadi zezinkontileka ezintsha, bagqugquzelwa ukuba bawasebenzise ngendlela amathuba okuqeqeshwa, ukwaluswa, kanye namathuba okuthuthukiswa komuntu siqu abekwa phambi kwabo.

Kuphinde kwezwakala nezindaba ezinhle eziveza ushintsho olwenziwe yi-EPWP ezimpilweni zabantu abayingxenye yohlelo.

UNksz Khunjisiwe Khanyile ukhulume ngokubeka kwakhe imali yomholo ukuze ezokwakha ihhoko lezinkukhu ukuqala ibhizinisi kanjalo nokuthenga izinkukhu zakhe zokuqala. Ebona imizamo yakhe nokuzimisela, uMnu Biyase, onguMqondisi oMkhulu weNgqalasizinda kuMasipala, ube esethembisa ngokunikela ngezinkukhu ezingu-50 ngenhloso yokusiza uNksz Khanyile aqale ibhizinisi lakhe lezinkukhu.

UNksz Nomawethu Jili ukhulume ngendlela lolu hlelo olumsize ngayo wathola izincwadi zokushayela futhi wakwazi nokunakekela ingane yakhe ngezinto zesikole ngesikhathi esifanayo, nokusho ukuthi ngalolu hlelo usenethuba lokuqashwa futhi sekukhona asekuzuzile naye.

Ngokufanayo, uMnu Khulekani Mhlongo uchaze ngendlela iholo lakhe le-EPWP elimsize ngayo wakwazi ukondla umndeni wakhe, wafundisa nezingane, waphinde wakwazi ukuzuza nezinye zezinto ezibalulekile empilweni.

Lobu bufakazi buveza ngokusobala ukuthi i-Expanded Public Works Programme ingaphezu kokuba umsebenzi wetoho. Lolu hlelo lusiza ekukhuleni komuntu siqu, umnotho obandakanya wonke umuntu, nangokuhlomisa abayingxenye yalo ngamakhono abalulekile, luvuselele ukuzethemba luphinde lunikeze nangamathuba omsebenzi ukuze abantu bakwazi ukuzimela futhi bazakhele nekusasa.

Ngemizamo efana ne-Participants Empowerment Programme, uMasipala wesiFunda iHarry Gwala uyaqhubeka nokuveza ukuzibophezela kwakhe ekuhlomiseni abantu, ekuthuthukiseni osomabhizinisi, nasekwakheni izindlela ezibheke oshintshweni lwesikhathi eside kwezenhlalo-mnotho kubantu besifunda.

# UMASIPALA WESIFUNDA WETHULE ISABELOMALI SANGO-2026/2027 ESIGXILE ENTUTHUKWENI



**UMeya uKhansela Zamo Nxumalo ethula iSabelomali kanye ne-MTREF ka-2026-2027 eMhlanganweni woMkhandlu obubanjelwe ehholo lase-Ofafa Sheshe.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala wethule uhlelo lwezimali lwango-2026/2027 olugxile entuthukweni, nolugcizelela ukuzibophezela ekuphuculeni ukulethwa kwezidingo nasekwakhiweni kwengqalasizinda ezokwenza ngcono izinga lempilo emiphakathini yesifunda.

Lesi sabelomali sethulwe nguMeya uKhansela Zamo Nxumalo emhlanganweni woMkhandlu obubanjelwe ehholo lasoFafa Sheshe.

Ngesikhathi ethula isabelomali, uMeya uNxumalo ukhulume ngosekwenziwe selokhu athatha izintambo ngoNovemba 2021. Ubalule imizamo eqhubekayo kaMasipala yokubhekana nenkinga yamanzi nokuthuthwa kwendle, wathi sekwakhiwe ingqalasizinda ngenhloso yokuba izinkulungwane zezakhamuzi zikwazi ukuthola amanzi ahlanzekile ngaso sonke isikhathi.

Phakathi kwengqalasinda ebalulekile esiphothuliwe noma okusaqhubeka ukwakhiwa kwayo kubalwa kuyona iMfuleni Creighton Water Scheme, iKhukhulela Water Scheme, iCentocow Water Scheme, iBhongweni Reservoir Project, iSummerfield Water Supply Scheme, iGreater Emnqumeni Water Scheme, kanye eKempsdale Dam Project engakaqedwa, okungabiza imali ecishe ifinyelele ku-R200 million.

Ukuqhubeka nokuxazulula inkinga yamanzi esifundeni, uMasipala usubhole amapitsi (amanzi adonswa phansi) angaphezu kwangu-216 wathenga amaloli amathangi amanzi ayishumi ngehloso yokuba kutholakale amanzi nasezimeni eziphuthumayo emiphakathini ethintekayo. Ngaphezu kwalokho, ukuthengwa kogandaganda kanye nezimoto zokusebenza kulindeleke ukuba kuqinise ukulungiswa kwengqalasizinda ngokushesha futhi kusize ekulethweni kwezidingo esifundeni sonkana.

Isabelomali sikaMasipala sangonyaka wezimali ka-2026/2027 sifinyelela ku-R1.076 billion, kanti sizogxila kakhulu entuthukweni yengqalasizinda nasekulethweni kwezidingo ezibalulekile. Imali engaphezu kuka-R256 million ibekelwe imithamo yengqalasizinda yamanzi, kanti elinganiselwa ku-R29 million ibekelwe ukuthuthwa kwendle. Enye imali izobhekela izidingo zokusebenza kukamasipala, ukulungiswa kwengqalasizinda kanye nemizamo yokwakhiwa kwemisebenzi.

UMeya uNxumalo uphinde wagcizelela ukuzibophezela kukaMasipala ekuhlomeliseni intsha ngohlelo olwaziwa nge-Expanded Public Works Programme (EPWP), oluqhubekayo nokwakha amathuba emisebenzi futhi lweseka nentuthuko yomphakathi.

Unxuse izakhamuzi ukuba zibambe iqhaza elibonakalayo ekuvikeleni ingqalasizinda yomphakathi ekucekelweni phansi nasekwebiweni kwayo, wagcizelela ukuthi ukuvikela impahla kamasipala kubaluleke kakhulu ekuqinisekiseni intuthuko esimeme nokungaphazamiseki kokulethwa kwezidingo.

Ephetha inkulumo yakhe, uMeya uNxumalo ube esethula ngokusemthethweni isabelomali sango-2026/2027 eMkhandlwini, wagcizelela ukuzibophezela kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala ekusebenzeleni umphakathi, ekhwakheni intuthuko esimeme, nangokuqhubeka nokwenza ngcono ukulethwa kwezidingo emiphakathini engaphansi kwesifunda.

# ISIFUNDA IHARRY GWALA SAKHE UBUMBANO EMZIMKHULU EMCIMBINI WOKUKHANYISWA KWAMAKHANDLELA, KUQWASHISWA NGEGCIKWANE LENGCULAZI NESANDULELA SALO









**UMeya wesiFunda uKhansela Z.D Nxumalo ehola umcimbi wokukhanyiswa kwamakhandlela eNew City Sportfield, kuWadi 16 eMzimkhulu, ngenhloso yokukhumbula nokuhlonipha labo abadlula emhlabeni ngenxa yegciwane lengculazi. Lo mcimbi ubuhanjelwe amalungu omphakathi, abebemele iminyango eyahlukene kahulumeni kanye nezinhlangano zomphakathi.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala usingathe iCandlelight Commemoration Event eNew City Sportsfield kuWadi 16, eMzimkhulu, okuyilapho bekuhlangene khona iminyango eyahlukene kahulumeni, izinhlangano zomphakathi kanye nezakhamuzi ngenhloso yokuqwashisa ngengculazi nesandulela sayo, nangokuqinisa ithemba, ukubandakanya kanye nenhlalonhle.

UMeya wesiFunda uKhansela Z.D Nxumalo ubehola uhlelo, kanti ubehambisana nesekela likaMeya uKhansela T.N. Jojozi, uMeya waseMzimkhulu, uKhansela S. Mzizi-Msiya, amakhansela kanye nezikhulu zikamasipala. Abalingani abasemqoka, okubalwa kubona uMnyango wezeMpilo, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, iHarry Gwala Civil Society Forum, iMasiphilisane Organisation, iKhomishana ezimele yoKhetho (IEC), kanye nabanye ababambiqhaza basemphakathini babeyingxenye yokulwisana nokucwaswa kwabanegcikwane lenculaza nesandulela sayo nokweseka asebekhungethweni yileli gciwane.

Emukela izethameli, uMeya Mzizi-Msiya ugqugquzele izakhamuzi ukuba zibeke phambili impilo yazo ngokuqhubeka nokuhlolela igcikwane nesimo sempilo, bababambe neqhaza entuthukweni yomphakathi nasezinhlelweni zentando yabantu. Abebemele ezinye izinhlangano bagcizelele ukubaluleka kokuzuza isizukulwane esingenayo igcikwane lengculazi ngo-2030 kanye nokuhlangabezana nohlelo lamazwe omhlaba olwaziwa nge-95-95-95 ngokuqinisa izinga lokuhlola, ukuqala imishanguzo ngesikhathi, nokunakekela okusimeme.

Obemele abantu abaphila igcikwane wethule inkulumo ezwelayo kakhulu ecela umusa, ukwamukeleka kanye nokuhlonishwa, wakhumbuza umphakathi ukuthi ukucwaswa kusayisithiyo esikhulu emizameni yokunqanda igcikwane, ukwelashwa nokuthola ukunakekelwa kwesikhathi eside.

Ethula inkulumo yakhe, uMeya wesiFunda uKhansela Z.D. Nxumalo unxuse izakhamuzi ukuba zazi isimo sazo mayelana negcikwane, zifune ukwelashwa ngokushesha uma kunesidingo, futhi zeseke labo asebephila nalo igciwane. Uphinde waphakamisa abezempilo, izinhlangano zomphakathi kanye namavolontiya omphakathi ngokuqhubeka nokuhlinzeka ngezinsiza ezibalulekile kuso sonke isifunda.

UMeya uphinde wakhuthaza izakhamuzi ukuba zisebenzise amathuba avezwa uhulumeni afana ne-Expanded Public Works Programme (EPWP), ngesikhathi ziqhubeka futhi nokuba yingxenye yentando yabantu okunesandla ekuthuthukisweni komphakathi.

Umcimbi uphethwe ngokukhanyiswa kwamakhandlela ngenhloso yokuhlonipha labo abadlula emhlabeni ngenxa yegcikwane lengculazi. Ngesikhathi amakhandlela ekhanyisa bha indawo obekubanjelwe kuyo umcimbi, kube yisikhumbuzo esibalulekile sobumbano nokulwisana ngokuhlanganyela negcikwane lengculazi, okuyinto egcizelele ukuzibophezela kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala ekwakheni imiphakathi enempilo, ebandakanyayo nenakekelayo.

# INDUKU ENHLE IGAWULWA EZIZWENI: I-HGDM YAMUKELA ISIKHULU ESIPHEZULU SEZEZIMALI



Emizameni yokuthuthukisa indlela yokuphatha, nokulungisa ukuphathwa kwezimali, nokuzuza ucwaningo lwezimali olungenamyocu, uMasipala wesiFunda iHarry Gwala uqinise ubuholi bawo ngokuqoka uThemba Bongani Mnguni njengesiKhulu esiPhezulu sezeziMali (CFO). UMnu Mnguni unamava aziwayo kwezokuphathwa kwezimali, njengoba eneminyaka engaphezu kwengu-22 yesipiliyoni sokusebenza ngezezimali kuhulumeni wendawo, okuhambisana nomlando omuhle kulokhu.

Ukuqokwa kwakhe kuhambisana ngqo nesaga sesiZulu esithi, "Induku enhle igawulwa ezizweni." Lesi saga impela siyiqiniso: Izinto ezisezingeni eliphezulu zivame ukutholakala kude nasekhaya.

UMnguni uyisibonelo salokhu. Nakuba esebenze kuMasipala weNdawo iMidvaal edume ngomsebenzi oseqophelweni eliphezulu, okude ngamakhilomitha angaphezu kuka-500 ukusuka eXobho, ulwamukele ubizo lokusebenzela abantu besiFunda iHarry Gwala. Isinqumo sakhe singubufakazi bokuthi ubuholi obunohlonze abunamingcele futhi ithalente liyabona lapho kunombono omuhle khona ngekusasa.

UMasipala iMidvaal waziwa kakhulu njengomunye womasipala abasebenza ngendlela encomekayo eNingizimu Afrika, njengoba udume ngokuphatha okuhle, ukuzinza kwezezimali okuhlanganisa ukunconywa nayi-Afrika Ratings ngokusetshenziswa kahle kwezezimali.

UMnguni ufika kuMasipala wesiFunda iHarry Gwala namava anothile kakhulu kanye nendlela yokusebenza eseqophelweni eliphezulu, ngesikhathi lapho umasipala uqhubeka nokuqinisa ukuphathwa kwezimali kanye nokusebenza kwesikhungo.

Njengeningi labasebenzi bakahulumeni abaphumelele, uMnguni naye uhambo lwakhe luyathobisa. Uqale ukusebenzela ohulumeni basekhaya njengomfundi owayezoqeqeshelwa umsebenzi (intern), kancane kancane wabe esekhuphuka ngokwezikhundla ezahlukene, kuhlanganisa nezobuholi, kulandela ukuzimisela nokuzibophezela kakhulu emsebenzini omuhle. Uhambo lwakhe oluhle lungubufakazi bokubekezela, ukuqhubeka nokufunda kanti futhi uphinde abeyisibonelo esihle ekusebenzeleni umphakathi.

Ukuqokwa kukaMnguni kuwuphawu lwesinyathelo esibalulekile ohlelweni lukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala ekwakheni ubuholi obunekhono obuqinisekisa ukuphathwa kahle kwezimali, obuqinisa ukuphendula ngezinqumo, nokulwela ukuba ngumasipala owenza umsebenzi oncomekayo, ngokusobala nangokuhlinzeka umphakathi ngezidingongqangi okuzinzile.

Nakuba ebesesikhundleni izinyanga ezingaphansi



kwezinhlanu, uMnguni uzibonakalise njengomholi owenza izinto ngendlela efanele, ofuna ukubona imiphumela, esebenza ngobugcweti nangokuphendula ngezinqumo. Akayibekezeleli nhlobo imikhuba yokungasihloniphi isikhathi somsebenzi, njengoba ekholelwa ukuthi ukuhlonipha isikhathi somsebenzi kuyisisekelo okwakhelwa kuso ukusebenza/isikhungo esincomekayo.

"Ukugcina isikhathi akusiwo nje umkhuba womuntu; kusho ukuziphatha ngenhlonipho, ukuzibophezela, nokuhlonipha abanye. Kunzima ukuyeka umkhuba wokungasigcini isikhathi somsebenzi, kodwa yinselelo okumele sibhekane nayo sonke ngokubambisana futhi sizibophezele ekuwunqobeni," kusho uMnguni.

UMnguni ukholelwa ukuthi ayikho ingqinamba okungadluleki kuyo uma iqondwa ngqo ngokuzimisela futhi nangobuholi obufanele. Nakuba enesiqiniseko sokuzuza ucwaningo mabhuku olungenamyocu, umile kwelokuthi lokhu kungenzeka ngoshintsho olufanele, hhayi nje kuphela ngokulungisa amabhuku.

"Ukuzuza umcwaningo mabhuku olungenamyocu, ngikholelwa ukuthi kumele kuhambisane nokubonakala kokulethwa kwezidingongqangi zomphakathi. Kumele kubonakale ngomehluko esiwenzayo obonakala ezimpilweni zemiphakathi, hhayi nje ukuba kubonakale emabhukwini kuphela," kusho uMnguni.

Ukufezekisa lokho, uMnguni uthe umasipala usuqalile ukuqinisa izinhlaka zokusebenza okwenziwa ngokuqeqeshwa kabanzi kwamakomidi ezezimali kanye nokusungulwa kwezinkundla zongoti ezizohlonza ziphinde zibhekane nezinto ezibangela ukusetshenziswa kwezimali ngendlela engafanele.

Nakuba kunezikhala zomsebenzi ezingakavalwa, ukholelwa ukuthi umasipala kumele uqhubeke nokusebenza ngokuzikhandla, ungayeki.

"Nakuba kunezikhala ezikhundleni ezibalulekile, kumele siqhubeke nokuhlomisa abantu esinabo. Ukucija amakhono abo kubaluleke kakhulu uma sifuna ukuzuza ukuphathwa kwezimali okuhle nokusimeme," kusho uMnguni.

Isu lakhe lincike kakhulu ekusetshenzisweni kwedijithali. UMnguni udalule ukuthi umasipala uzosebenzisa amathuluzi edijithali ekwenzeni imisebenzi ethinta imali, nokuyinto ezonciphisa isikhathi sokusebenza.

"Imisebenzi ebiphothulwa ngemva kwezinsuku ezine, isizokwenziwa iphothulwe ngemizuzu nje engaphansi kwemihlanu. Ukusetshenziswa kwamathuluzi edijithali kubeka obala izinto futhi kube lula nokuphendula ngoba kuba lula ukubona lapho umsebenzi ubambezeleke khona nokuthi ubani owenzayo," kuchaza uMnguni.

Ugcizelele elokuthi ukuphathwa kahle kwezimali kuncike ekuqasheni nasekucijeni abasebenzi abafanelekile kanjalo nasekuqiniseni uhlelokusebenza kwe-Supply Chain Management (SCM).

UMnguni uzimisele ngokuqeda ukusetshenziswa kwezimali ngokungalandeli imigudu efanele ngokuthi abhekane nomnyombo walokhu, hhayi nje ukulukha phezulu lolu daba.




"Ukungasetshenziswa kwezimali ngendlela kumele kuqedwe ngokulungisa izinhlelokusebenza ze-SCM ezingaqinile, kuqinisekiswe ukuthi izikhala zomsebenzi ezivulekile zivalwa ngabantu abafanelekile, kuqiniswe nezindlela zangaphakathi zokusebenza. Angifuni ukubona kuvela okunye futhi okusha ukungasetshenziswa ngendlela kwezimali."

Uphinde wathi kumele kusungulwe ngendlela efanele amakomidi ezokuphatha, aqeqeshwe futhi anikezwe negunya elifanele lokwenza umsebenzi wokuqapha ngendlela.

## UMSEBENZI OWAKHIWE NGOBUHOLI KWEZEZIMALI

UMnguni uthatha lesi sikhundla nje uphethe iminyaka engaphezu kweyishumi nambili yesipiliyoni esebenza ngaphansi kohulumeni basekhaya. Uqale ukusebenza kuMasipala uMlalazi, nokuyilapho esebenze khona eyiBudget Officer kulandela ukwethulwa kwe-Municipal Finance Management Act (MFMA) ngo-2004. Kulesi sikhundla, umsebenzi wakhe kwakunguku lungiselela umasipala isabelomali, engaphansi kwesikhulu esiphezulu sokuphathwa kwezimali.

Kulandela ukuqaliswa kokusebenza koMthetho iMunicipal Property Rates, wakhushulelwa esikhundleni somphathi wezokuqoqwa kwezimali. Ngokuhamba kwesikhathi wenza umsebenzi we-Expenditure, Supply Chain Management, Payroll and Information Technology, ngesikhathi imisebenzi ye-IT isangaphansi koMnyango wezeziMali. Kulesi sikhathi, wahola ngempumelelo komasipala abahlukene, nokuyinto ekhombisa ubuholi obungaphezu obedlulele kumava akhe.

Ngokuhamba kwesikhathi wathola umsebenzi kuMasipala weNdawo iMidvaal, nokuyilapho esebenze khona njengoMqondisi we-Expenditure and Supply Chain Management, ngokuhamba kwesikhathi wenza umsebenzi wezokuphathwa kwezimali kumasipala.

UMnguni usebenze iminyaka engaphezu kwengu-22 kwezezimali zohulumeni basekhaya. Nokuyilapho ezakhele khona igama ngokuthuthukisa imithetho yezimali, ukwenza izinguquko esikhungweni, kanye nokuqinisekisa ukuthi umsebenzi wenziwa ngobuqotho.



**Ngokwezifundo, uneziqu ze-Bachelor of Commerce kwezokubalwa kwezimali (Accounting) azithole eNyuvesi yaseZululand. Uphinde waqeda uhlelo lwe-Municipal Minimum Competency Programme eNyuvesi yase-Witwatersrand (Wits) kanye nohlelo lwe-Executive Management Programme e-Regenesis Business School, okumhlomele ngolwazi lobuchwepheshe kanye namakhono obuholi obunamasu.**

# ISIKHUNGO SEZINHLEKELELE ESIFUNDENI IHARRY GWALA

UMBIKO WEKOTA: EPHRELI – JUNI 2026











### UKWAKHA IMIPHAKATHI EPHEPHILE NEZIMELELE

I-Disaster Management Centre ngaphansi kukaMasipala wesiFunda iHarry Gwala (HGDM) iqhubekile nokudlala indima ebalulekile ekuvikeleni imiphakathi ezimeni eziphuthumayo, inciphisa ubungozi bezinhlekelele, iqhuba nemizamo yokuqhwashisa umphakathi. Silandela uMthetho wokulawulwa kweziNhlekelele wango-2002 (uMthetho 57 wango-2002), isikhungo sisebenzisane kakhulu nomasipala bendawo bobane kanye nababambiqhaza ngenhloso yokunciphisa umonakalo wezinhlekelele kanjalo nokuqinisa ukuzimelela komphakathi.

### OKWENZIWAYO EZIMENI EZIPHUTHUMAYO

Isifunda sisasengcupheni yokubhekana nezinhlekelele zemvelo nalezo ezibangelwa abantu, okubalwa kuzo izimvula ezinamandla, yizikhukhula, yiziphepho, izichotho, umbani, ukukhithika kweqhwa, imililo yequbula neyezakhiwo, ukuminza kwabantu kanye nezingozi zomgwaqo. Izixwayiso ezihlinzekwa ngokushesha ngabe-South African Weather Service (SAWS) nabeDisaster Management Centre esiFundazweni, zidluliselwa ngokushesha emakhanseleni, kumakomidi ewadi, ku-Community Development Workers (CDWs), abaholi bendabuko nakumathimba ezimo eziphuthumayo ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi iyazilungiselela ukubhekana nesimo esibi sezulu.

Ngalesi sikhathi sokubika, amathimba okulawulwa kwesinhlekelele aphuthuma endaweni yezigameko kuso sonke isifunda. Kuhlinzekwe ngokwezimo eziphuthumayo emizini ekhahlamezekile okufana nezingubo zokulala, amaphasela okudla nokunye okubalulekile.

### IZIBALO ZEZINHLEKELELE

Umthelela wezinhlekelele komasipala abane ngaphansi kwesifunda - iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, iGreater Kokstad, uMzimkhulu, kanye neJohannes Phumani Phungula.

| Inyanga | Izigameko | Imizi ekhahlamezekile | Abantu abathintekile |
|---|---|---|---|
| Ephreli 2026 | 25 | 69 | 373 |
| Meyi 2026 | 13 | 128 | 628 |
| Juni 2026 | 24 | 30 | 130 |

Esinye sezigameko esikhulu senzeke ngoMeyi 2026, lapho isiphepho cicekele khona phansi iKhayelitsha Primary School kuWadi 4, eMzimkhulu, kwaphephuka uphahla lwesikole. Isifunda siphinde sabayingxenye yabasize ezingozini zomgwaqo ku-R56 naku-R617, ngokubambisana nabezicisha mlilo.














**UKUNCIPHISWA KOBUNGOZI BEZINHLEKELELE**

UMasipala uqhubekile nokubeka eqhulwini imizamo yokugwema izinhlekelele ngokuqhuba imikhankaso nangokufundisa umphakathi. Izakhamuzi zihlonyiswe ngolwazi lokuzilungiselela ukubhekana nezinhlekelele, okumele kwenziwe ezimeni eziphuthumayo, nangezindlela zokuphepha okuhloswe ngazo ukunciphisa ubungozi ngaphambi kokuba kwehle izinhlekelele.

Njengengxenye yohlelo lokunqanda imililo, imiphakathi inikezwe izinto zokucima imililo ngenhloso yokusiza ekunqandeni imililo yequbula neyezakhiwo.

Imikhankaso yokuqwashisa ngokulawulwa kwezinhlekelele ibanjwe ngempumelele kulezi zindawo ezilandelayo:

- KuMasipala weNdawo iJohannes Phumani Phungula – Wadi 4 (ngaphansi kweNkosi uMsomi)
- KuMasipala weNdawo uMzimkhulu – kuWadi 18 (ehholo laseMmisa)
- UMasipala weNdawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma – KuWadi 11 (eMangwaneni)

**INGQALASIZINDA NOKWESEKWA KOMPHAKATHI**

Okunye okubalulekile ukwenziwe kule kota kube ngukufakwa kwezikhonkwane ezingu-20 ezivikela umbani wezulu esifundeni. Umasipala wendawo ngamunye ufakelwe izikhonkwane ezine, kanti zifakwe ezindaweni ezisengcupheni yokushaywa umbani.

Lo msebenzi uyingxenye yohlelo oluqhubekayo lwesifunda lokunciphisa ubungozi bezinhlekelele ngenhloso yokuvikela impilo kanye nengqalasizinda ebalulekile. KuMasipala weNdawo iGreater Kokstad, isiFunda siphothule ukwakhiwa kwezindlu zesikhashana, i-Temporary Residential Unit (TRU), eThuthukane, kuWadi 6, ngenhloso yokusiza imindeni eyakhahlanyezwa yizinhlekelele.

**UBUDLELWANE BOKUSEBENZISANA**

Ukulawulwa kwezinhlekelele okunempumelelo kuncike ekusebenzisaneni okuqinile. Kule kota yonyaka, iSikhungo sezokuLawulwa kweziNhlekelele sisebenzisane noMasipala beNdawo, yisiKhungo sezokuLawulwa kweziNhlekelele esiFundazweni, uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu, owezokuThutha, owezokuThuthukiswa koMphakathi, owezoLimo, owezokuThuthukiswa kwezindawo zasemaKhaya, abezeMpilo ngaphansi kukaMasipala , abakwaSASSA, amaKhansela amaWadi, abaHoli beNdabuko kanye noMzimkhulu Red Cross ngenhloso yokuhlanganisa amasu okubhekana nezindlela zokumelana nezinhlekelele kanye nokusiza abantu ngalesi sikhathi.

**UKUBHEKA PHAMBILI**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala uzibophezele ekuvikeleni izimpilo, ingqalasizinda, nalokho abaziphilisa ngakho abantu ngokuthi yenze imizamo yokugwema izinhlekelele kusanesikhathi, okubalwa kuzo nokufundisa umphakathi. Ngokuqinisa ekuzilungiseleleni nokubambisana, isiKhungo seziNhlekelele esiFundeni siyaqhubeka nokwakha imiphakathi ezokwazi ukubhekana nezinhlekelele esikhathini esizayo.













**Ompetha kanye nalabo ebebeyingxenye yeHarry Gwala District Mayoral Cup ebibanjelwe eJeffrey Zungu Sport Filed, eXobho. Le midlalo ibihlanganise intsha engabasubathi abaphuma kubona bobane omasipala abangaphansi kwesifunda ngenhloso yokuzobonakalisa ikhono kanye nokuhlomisa intsha.**

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala usingathe ngempumelelo imidlalo yeHarry Gwala District Mayoral Cup yango-2026 ezinkundleni zase-Jeffrey Zungu eXobho, nokuyilapho kuhlangane khona intsha enethalente evela komasipala abangaphansi kwesifunda kubungazwa ezemidlalo, ubumbano kuhlonyiswa nentsha.

Lo mqhudelwano ubonise izinga eliphezulu emidlalweni yebhola lezinyawo nelomnqakiswano, nokuyilapho amaqembu eveze khona ithalente elimangalisayo nokuziphatha okuhle ngaso sonke isikhathi. Lo mqhudelwano ungaphezu nje kwezemidlalo, uvundulula amathalente, ukhuthaze nendlela enhle yokuphila uphinde wakhe ubumbano emphakathini.

Emqhudelwaneni webhola lezinyawo abalandeli babheme bakholwa bebona izinga eliphezulu lebhola. Ebholeni leminyaka labamaqembu avulelekile ngokweminyaka iMighty Movers engaphansi kukaMasipala waseKhaya iJohannes Phumani Phungula iyona enqobile kulandela ukudlala ibhola elihle kakhulu. UMasipasla waseKhaya uMzimkhulu unqobe umqhudelwano wabangaphansi kweminyaka engu-20 ubudala ebholeni lezinyawo, kanti iCrystal City yona engaphansi kukaMasipala weNdawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma inqobe emdlalweni webhola lezinyawo labesifazane.

Ebholeni lomnqakiswano, uMasipala weNdawo iGreater Kokstad iqhubekile nokukhonya ngemuva kokunqoba emdlalweni yamaqembu abangaphansi kweminyaka engu-19 ubudala naseqenjini labavulelekile, ngemuva kokuba bekhombise ukubambisana, ikhono kanjalo nentshisekelo.

Ekhuluma nabadlali, abaqeqeshi, izikhulu kanye nabalandeli emcimbini wokuvala, uMeya, uKhansela Zamo Nxumalo, uhalalisele amaqembu abeyingxenye yemidlalo ngokuzibophezela, ukuzimelela nangokubonisa umoya wezemidlalo. Ubonge kakhulu abasubathi ngokusebenzisa ezemidlalo njengethuluzi lokuzithuthukisa, ukuziphatha kahle, uhuholi, ukusebenzisana nangokuphila ngendlela enempilo.

UMeya ugcizelele ukuzibophezela kukaMasipala ekwakheni amathuba okuhlomisa intsha ngokusebenzisa ezemidlalo, ukuvundulula abasubathi njengethuluzi elinamandla ekudaleni izinguquko emphakathini, ukucija amakhono nasekwakheni isizwe. Uphinde wakhuthaza intsha ngokubamba iqhaza elibonakalayo nokuba yizakhamuzi ezizibophezelayo ngokuba yingxenye yohlelo lwentando yabantu futhi ibhalisele ukuvota okhethweni oluzayo.

UMasipala wesiFunda iHarry Gwala uhalalisele bonke abawinile wezwakalisa ukubonga kubona bobane omasipala basekhaya, abaqeqeshi, yizikhulu, amakomidi okuhlelwa komcimbi kanye nabaxhasi okungukusebenzisana kwabo okwenze yaba yimpumelelo iHarry Gwala District Mayoral Cup ka-2026.

Ngesikhathi ukukhala kwendweba kusho ukuphela komqhudelwano obeyimpumelelo, kuphinde kwagcizelela umbono oqinile kaMasipala wokwakha imiphakathi ebumbene ngokusebenzisa ezemidlalo. Ngokutshala ekuthuthukisweni kwentsha, ukucija ithalente, nokwakhela intsha amathuba ukuze yenze kahle, uMasipala wesiFunda iHarry Gwala uyaqhubeka nokuqinisa ubumbano emphakathi, ukukhuthaza ompetha bakusasa futhi wakhe imiphakathi ephilile kusona sonke isifunda.







